Downloaded from Stanmorephysics.com


basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

# IPHEPHA LESIBILI (P2)

# UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-29.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'Izingxabo Zomnyezane' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'Ukuthula' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Musani' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 4. 'Impi' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5. 'Yiba Nabo Nkosi' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 11 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 11 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 13 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 13 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 15 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 15 |
| 12. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 17 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 17 |

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 14. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 19 |
| 15. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 19 |

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 16. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 23 |
| 17. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 23 |
| 18. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 25 |
| 19. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 25 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 29 | 27 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 29 | 27 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**IZINGXABO ZOMNYEZANE – EJ Mhlanga**

Ngilangazel' ukudepha kwelenjulo,
Kotatalambu bezingxabo zomnyezane,
Laph' ukujula kwenjulo,
Kuyingcebo yomhlaba nezulu,
Laph' ukuphelela konke kwempilo,
Kuyisiyalu somthombo ompompoza,
Ingunaphakade.

Ngilubalubel' ukugxila kwelenjulo,
Ngizinz' ekujuleni kwenkululeko yomphefumulo,
Ngizinz' ekuthuleni ngijabul' unomphela,
Ngifund' ukudons' amanz' ezinkalweni,
Ngikhephuzel' uhlaza ubusika nehlobo,
Ngizwe imvunge yemvelo ivungama
Ingoma kaqinadolo nethemb' elizayo.

Ngilangazel' ukudeph' okujulile,
Kulezo zimpande zemingamanzi ngigcule,
Ngivunulis' ubuchopho ngohlaza.
Lwamaqabung' ayonginqwambis' okweqhawe;
Kuleyo mithombo yeziziba ngingaphinde ngome,
Ngigiye ngiqephuze ngosiba lakwaNgqondonkulu,
Ngiqoth' uphoko nokhothe lwendlela,
Nabazukulu badle kuchitheke inyongo,
Bafinye ngendololwane bethabile.

Xoxa ngempumelelo yembongi ekukhetheni amagama anothile ukugqamisa umoya wale nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UKUTHULA – BW VilakazI**

1 Uma thina sobabili singahlala lapha,
2 Sicambalale osebeni lolwandle nogu,
3 Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe,
4 Lapho kugcwel' ukuthula komhlaba nezulu
5 Yiyo le ndaw' eyenza mina ngiqumbelane
6 Usikisiki lomphefumulo nonembeza.
7 Le ndaw' egcwel' inhlokomo, kuyo kubuthene
8 Konk' okuhle nokuphas' umphefumulo wami.

9 Kuyona ngizw' amazwan' abantu bekhuluma,
10 Abant' abahamba ngezinyawo nangomoya,
11 Abanye bentanta nangaphezulu kwamanzi.
12 Bayasikhohlisa bathi ngamahlengethwa,
13 Abanye balokhu benyakazisana nemithi,
14 Benyakazisana nezindwan' eziluhlaza.
15 Kuthi nxa siyobuza kuthiwe yiwona moya.
16 Ngiyabezwa bekhuluma, woza ungizwise.
17 Ngiyabathanda, bayangithanda, woz' uzizwele.

2.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni wesi-1. (1)

2.2 Chaza kafushane umqondo osobala otholakala emgqeni wesi-9 kuya kowe-14. (3)

2.3 Chaza ngokusetshenziswa kwe-injambamenti etholakala emgqeni wesi-4 kuya kowesi-6. (2)

2.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwanosiqalo emigqeni we-16 kuya kowe-17? (2)

2.5 Hlaziya ukusetshenziswa kwethoni kule nkondlo. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**MUSANI! – MSS Gcumisa**

Musani ukukhala,
Musani ukubibitheka,
Musani ukulila,
Nimlilelelani u … ma?
Kanazi yini ukuthi uyephi na?
Kanazi yini ukuthi ubizwephi na?
Kanazi yini ukuth' ungokabani na?
Kaniqondi yini ukuth' akuwenu na?
Pho, nihlushwa yin' um'esey' ekhaya?
Pho anithokozi ngani um' esey' ekhaya?
Thulani nithokoze lokh' usebiziwe,
Thulisan' abathuthumelayo ngosebiziwe.
Vuman' ukuthi ubizwe nguyena.
Vulan' izinhliziyo zenu kuyena.

3.1 Tomula imigqa emithathu eveza impindamqondo etholakala kule nkondlo. (1)

3.2 Chaza kafushane indikimba yale nkondlo. Bhekisa impendulo yakho emgqeni wesi-5 kuya kowesi-8. (3)

3.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura emgqeni wesi-9? (2)

3.4 Chaza ngokusetshenziswa kwesifengqo esitholakala emgqeni we-11 kule nkondlo. (2)

3.5 Xoxa ngomoya wokuncenga otholakala emgqeni we-13 kuya kowe-14. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMPI – SRC Shongwe**

Ngamaviyoviyo,
Kudedangendlale wenkundla,
Amaviyo nezingeqiwa ntwala,
Amaviyo namanxebakazi,
Amaviyo nemikhontshwana.

Lopha ngaphakathi igazi,
Uwonk' uyafis' ukuyilwa,
Akuyon' eyamanyamfokwe,
Ngimi nowami umkhontshwana,
Ngimi nesam' isihlangwana,
Seyigwazwa bukhoma manje.

Amavak' amb' ambulula!
Kunamuhla kubus' ukuzisola,
Ngokwesab' ukugadla kule mpi,
Ungebizelwe muntu kule mpi,
Mfowethu yilwa le mpi!

Yilw' usenesikhathi,
Nami ngayilwa nganqoba,
Yilw' imini nobusuku,
Nom' izikhali zikusinda,
Ungayek' ukugadla,
Khohlwa yimiyocu,
Khohlw' udumo,
Yilwe le mpi!

4.1 Nikeza ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1. (1)

4.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okushiwo ibinza lesi-2. (3)

4.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa ifanamsindo emgqeni we-13? (2)

4.4 Ngabe ukukhethwa kwamagama adwetshelwe ebinzeni lesi-4 akwelekelele kanjani ukuqonda leli binza? (2)

4.5 Phawula ngempumelelo yokusetshenziswa ngokuphindaphinda igama, 'impi' kule nkondlo. (2)

**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**YIBA NABO NKOSI – TE Nxumalo**

1 Bawe bevuka ngenxa yami,
2 Kungekho nokuthi benze ngokunye.
3 Imini nobusuku kuzefanela nje.
4 Bathi hlwathi lapho kunzima.

5 Inguquza esikuyo ibathusile
6 Lapho bebona ameva ayo.
7 Bangifukamela ngentokomalo
8 Eye yangenza ngafofobala.

9 Bangifundise okubi nokuhle.
10 Bangifunza isinkwa saphakade.
11 Kudlange ingebhe lapho ngingekho
12 Ngisathathwe izimo zakwaMhlaba.

13 Ngikhule ngaba yindoda
14 Luth' ukuphuma kwezab' izinhliziyo.
15 Nanamuhla bathilileka bethililekile
16 Ngenxa yothando, yeka uthando.

17 'Sengathi iNkosi inganani,
18 Noma isondo seliphenduka
19 Liphenduke linganiphendukeli'
20 Nkosi! Yiba nabo njalo!

5.1 Nikeza izifengqo ezitholakala kule migqa elandelayo:

5.1.1 Bawe bevuka ngenxa yami,

5.1.2 Bathi hlwathi lapho kunzima. (2)

5.2 Chaza kafushane ukusetshenziswa kwe-enjambamenti emgqeni wesi-7 kuya kowesi-8. (2)

5.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwanosiqalo ebinzeni lesi-3? (2)

5.4 Chaza umqondo osobala otholakala ebinzeni lesi-4. (2)

5.5 Hlaziya umoya wokuncenga otholakala ebinzeni lesi-5. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

**INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Ukuthatha izinqumo uzicabangela wena wedwa kungaba nomphumela ongemuhle kuwena uqobo nakwabanye abantu.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

'Wayechichima injabulo uNontobeko. Wayehleli embhedeni ehhotela i*Blue Waters* ebuka ulwandle laphayana ezansi, amagagasi alo ekhazinyuliswa yinyanga eyayiyibhamuza laphayana esibhakabhakeni, nayo kusengathi iyamamatheka bakithi, yenanela le njabulo eyayigubuzele uNontobeko, ihambisana novadlwana nokho. Izindaba ayezizwe ngoNgidi ntambama zokuthi uShezi uthi usetholakele uMhlengi zazimenze wahlanya ngenxa yenjabulo. Wayesefisa ukuthi kuse nje baye kuMhlengi. Kazi uzothini bakithi eseshaywa nge-*surprise* enje?' ezibuza enikina ikhanda, elungiselela ukuya *eHoliday Inn eSouth Beach* lapho okwakungenise khona oNgidi.

Wayesethi uvala umnyango uyaphuma ngenkathi ekhumbula ukuthi kwase kuyisikhashana agcina ukukhuluma nonina. Wayesehalela nokumtshela nje ukuthi usetholakele uMhlengi, liyakhula nethemba lokuthi kusengenzeka nje bakithi babuyelane uma kungukuthi uMhlengi akakamtholi umaqondana.

Wayicinga-ke inamba kanina, wamshayela.
'Hawu mntanami, kunini nje ngifisa ukukhuluma nawe?' ebuza ngomunyu ehefuzela.
'Ngiyaxolisa mama, ngisanganiswe yindaba kaMhlengi.'
'Thina sisanganiswe yindaba kaNkululeko.'
'Indaba kaNkululeko?' ebuza ehwaqa, lumshaya lumqeda uvalo.
'Yebo, ushonile uNkululeko.'
'Ushonile?' ebuza ngeliqhaqhazelayo.
'Impela, utholakale ezilengisile.'
'Yehheni bakithi, nini kodwa?'
Qaphu qaphu. Qaphu qaphu.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Baqeda ukukhuluma nje sekuyizinyembezi zodwa kuNontobeko. Bavalelisane-ke, bethembisana khona ukuthintana. Wake wahlala phansi emva kokuvalelisana nonina, wasidinda futhi isililo.

'Waze wafa ngenxa yami Nkululeko bakithi,' ehlengezela izinyembezi, ephephuka eyobheka ithishu yokwesula izinyembezi, ezesula, eqonda esibukweni. Wama isikhashana phambi kwesibuko, wazesulisisa izinyembezi. Wabuye waziqinisa, wathi ukuziphophotha kancane enzela ukuba abantu bangamboni ukuthi kade ekhala. Cha, uphuma nje usengconywana impela. Uqambe efika ehhotela okungenise kulo oNgidi, cha, usungabe uyamqambela ukuthi uke wakhala.

[Isahluko 10, ikhasi 142–143]

7.1 Shono ukuthi kungani umlingiswa onguNontobeko enomuzwa wokujabula ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

7.2 Nikeza isigameko esenza ukuba uNontobeko akhale kulesi siqeshana. (2)

7.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isigameko sokwenzeka koNgidi ngenkathi uNdumiso ehlasela aze ambophe ngentambo. (3)

7.4 Chaza kafushane umoya ongafani ovezwa umlingiswa onguNontobeko kulesi siqeshana. (3)

7.5 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguNgidi ubhekise impendulo yakho esenzweni somseshi ozimele uShezi. (3)

7.6 Ngabe yimuphi umyalezo odluliswa umbhali kubantu abafuna ukungena ebudlelwaneni bezothando? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguNkululeko. (2)

7.7 Isenzo sikaXolani sokushiya uLungile noSabelo simveza njengomlingiswa onjani uXolani? Sekela impendulo yakho. (2)

7.8 Ucabanga ukuthi ukwaliwa kukaNontobeko nguMhlengi ngaphandle kokumtshela isizathu kube namphumela muni empilweni kaNontobeko? Sekela impendulo yakho. (3)

7.9 Ngokubona kwakho isenzo sikaNontokobeko sokuyobheka uMhlengi aze afike kwaNgidi siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (2)

7.10 Xoxa ngokuhlolisisa impumelelo yombhali yokusethulela isigameko sokusha kwezingane zikaXolani. (3)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Ukuthatha izinqumo uzicabangela wena wedwa kungaba nomphumela ongemuhle kuwena uqobo nakwabanye abantu.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

'Uthini lona?' emswacela. 'Ukhona umuntu ojatshuliswa wukulamba?'

'Yebo, zikhona iziwula ezinjalo. Ake sedlule lapho. Nansi imfihlo mfowethu. Ngizwa kuthiwa uMiliyemu ukuthanda kabi.'

Wathwala amehlo uHlulintombi wathi, 'Habe! Uyangithanda?'

'Musa ukubabaza. Ngisho njalo. Omunye wabashiyelana naye izifuba ungitshela ukuthi uthi uyazifela ngawe kunoGenyeza nezesheli zonke.'

'Manje pho ngoba ...'

'Lalela,' esekhulumela phansi. 'Ngokubona kwesicebi uwena muntu esingabambisana naye ngoba ufundisiwe, kanti unjalo nje unobuntu.'

'Manje pho ….'

'Awulalele, ungiyeke ngomanje abangapheli. UMiliyemu ukubuka ubulima ngokuba ulokhu uzenza umantshingelane wenye indoda, ungalali uyelusela imali engasoze yakunika yona ngisho isiyisigwili.'

'Phela bengingazi ukuthi ungicabangela kanjalo.'

'Yazi-ke namhlanje. Shela.' Lahlala lelo wamoyizela uHlulintombi. Uyadlala. Ubani ongakuthandi ukuthandwa? 'Shela-ke kuyehlela. Uma usathi usazocabanga sengathi uwena oweshelwayo, uMiliyemu uzoze azikhethele ezeshelini lezi ozelusile silima.' Wambuka sengathi umfunda ingqondo eyayidideka. 'Ngoba ngiyabona uyigwala, yenze nje. Mbhalele incwadi namhlanje nje weshele ungadlali. Sizoyinika isimame ebesingihlebela ukuze siyedlulisele kuye namhlanje. Liyeke linjalo iKewu leli. Vele lizosala noma ungawugqayinyanga walo ubusuku nemini. Uthini-ke ngalokho?'

'Kodwa bakithi ngimshiye nobani uGasta?'

USonosemali wanikina ikhanda ngokucasuka wathi, 'Uyazi, izinhlanhla ziyinqaba ngokwehlela iziwula. Kodwa udadewethu ubengangikhethi ngani?'

'Ngingabhala ngithini nje?'

'Akudingeke buchwepheshe ngoba vele uyakuthanda. Isiqalo kungaba wukumtshela nje ukuthi kade wazibamba, kepha manje selukugabhile uthando, luyakufuthela.

Ucela akuphumuze. Ungaligxeki iKewu. Ugxile emlilweni wothando okushisa ubulangulangu.'

'Ngiyezwa wakithi.'

'Ngiyilande nini-ke incwadi? Noma uzoyiletha?'

'Sengizohlala phezu kwayo-ke mnewethu. Kodwa sengathi ungamnika yona ngingekho lapha.'

[Isahluko sesi-7, ikhasi 67–68]

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.1 Shono ukuthi kungani umlingiswa onguHlulintombi ethwala amehlo ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

9.2 Nikeza isizathu esashiwo uSonosemali sokuthi uMiliyemu umbuka njengesilima kulesi siqeshana. (2)

9.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenziwa umlingiswa onguNomvula kuMsonteni ngenkathi ezama ukuzisindisa ngenkathi bemhlasela. (3)

9.4 Qhathanisa umoya ongefani ovezwa abalingiswa abakulesi siqeshana. (3)

9.5 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguHlulintombi ubhekise impendulo yakho esenzweni somlingiswa onguSonosemali. (3)

9.6 Ngabe yimuphi umyalezo odluliswa umbhali kubantu abafuna ukungena ebudlelwaneni bezothando? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMaDludla. (2)

9.7 Isenzo sikaGenyeza sokuxabana nabo bonke abantu ababeza kuNomvula eThusini simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

9.8 Ucabanga ukuthi ukwaliwa kukaGenyeza nguNomvula kube namphumela muni empilweni kaGenyeza? Sekela impendulo yakho. (3)

9.9 Ngokubona kwakho isenzo sikaChule sokuzenza uMbhishobhi ngenkathi ezama ukuyoqola uNomvula siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (2)

9.10 Xoxa ngokuhlolisisa impumelelo yombhali yokusethulela isigameko sokufa kwenja nekati. (3)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Ukuthatha izinqumo uzicabangela wena wedwa kungaba nomphumela ongemuhle kuwena uqobo nakwabanye abantu.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

'Uhambe kanjani ekhaya mntakwethu?' kubuza uMtalaselwa.
'Ngihambe kahle *sweetheart*, wena?'

'Nami ngihambe kahle. Ngibatshelile ukuthi ngizothumela abakhongi ekupheleni kwenyanga. Hhayi ayibanga khona inkinga.' Bazihlalela kamnandi ngaphansi kwemithi kwaze kwashaya isikhathi sokubuyela emsebenzini. Balulangazelela-ke lolo suku lokuphela kwenyanga.

Zahamba izinsuku lwafika usuku olwabe lulindelwe. Abakhongi batheleka ngesikhathi senhlazane emagcekeni akwaKheswa eMzimkhulu. Bakhuleka, bawathamunda ngemibala yawo amabheka. Kwaphuma ingane endlini yabatshela ukuba bangene. Nempela benza njalo. Baphinda futhi bawathamunda amabheka sebengaphakathi. UKheswa wathumela ukuba kubizwe amantombazane onke ukuze abakhongi bakhombe okuyiyona abazoyilobola. Nempela afika amantombazane, ahlala phansi ngasesinini sawomame. Abakhongi bamkhomba-ke umakoti wabo ngendlela yakhona. Amantombazane asukuma, aphuma futhi. Umfowabo kaKheswa wabatshela-ke abakhongi ukuthi isibizo selobolo siyimalini. Bajabula banconcoza abakhongi ukuthola umtitilizo kamazitapele onjena. Bayikhipha-ke imali beyibhacaza esicephini. Kwathi bangaqeda abakhongi, abakwaKheswa bayiqoqa yonke imali bayikhweza. Kwakikiza omame kwakuhle kwanjeyaya.

Abakhongi babona kufanele ukuba balisebenzise leli thuba ukuba baxoxisane nabalingani babo ngosuku lomshado. Bavumelana ngokuthi kufanele kudlule amasonto amabili bese behlangana kumfundisi ababhale. Bathi umshado omkhulu uyobuye ulandele. Babonga. Kwakhishwa okuya ngasethunjini, bathi choko choko nje basheshe bayeka. Basukuma, bavalelisa, baphuma.

UDumazile wajabula kabi ukubona abazali bakhe bethokozile. Kwakukade kuyiphupho lakhe lelo ukuba abazali bakhe bathole okuthile futhi badle ngaye. Wababonga kakhulu ngokuba bengazange bamumbe eqolo umkhwenyana wakhe. Nabo futhi abazali bakhe uDumazile bajabula kakhulu ukubona indodakazi yabo igcina seyimtholile umkhwenyana wangempela.

[Isahluko sesi-7, ikhasi 130–131]

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.1 Shono ukuthi kungani uMtalaselwa ethi uhambe kahle kuDumazile ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

11.2 Nikeza isizathu esenza ukuba abazali bakaDumazile bajabule kulesi siqeshana. (2)

11.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle phakathi komlingiswa onguDumazile noMtalaselwa ngenkathi bebanga ukuyokwakha kwaJilafohlo. (3)

11.4 Chaza kafushane umoya ovezwa abalingiswa abakulesi siqeshana. (3)

11.5 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguMtalaselwa ubhekise impendulo yakho esenzweni somlingiswa onguDumazile sokwala ukuyohlala kaJilafohlo. (3)

11.6 Ngabe yimuphi umyalezo odluliswa umbhali kubantu abafuna ukungena ebudlelwaneni bezothando? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMtalaselwa. (2)

11.7 Isenzo sikaMiss Hlophe sokuxabana noDumazile simveza njengomlingiswa onjani uMiss Hlophe? Sekela impendulo yakho. (2)

11.8 Ucabanga ukuthi isenzo sikaLizzy sokutshela uMaNzimande ukuthi uDumazile uthandana noSithole sibe namphumela muni empilweni kaMaNzimande? Sekela impendulo yakho. (3)

11.9 Ngokubona kwakho isenzo sikaMaJwara sokufuna ukudla izithende umngani wakhe uMaNdovela kuKheswa siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (2)

11.10 Xoxa ngokuhlolisisa impumelelo yombhali yokusethulela isigameko sokushiswa kwesitolo sikaSithole. (3)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Ukuthatha izinqumo uzicabangela wena wedwa kungaba nomphumela ongemuhle kuwena uqobo nakwabanye abantu.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

Ubuhlakani, ukuhlakanipha kanye nokuzululeka kwengqondo kwaya ngokuzika kuNgubane. Wezwa noMaMthimkhulu ukuthi kuboshelwe ihhashi nembongolo. Ngasese wayeseke azibuze uMaMthimkhulu ukuthi yini ngempela eyenza ukuba acabange ukuthi umyeni wakhe uhlakaniphile. Kwakumkhanyela manje ukuthi ukuphasa eyunivesithi akusho ukuthi umuntu uhlakaniphile. Waselivimbantuthuko okaNgubane, efisa ukuba kuhanjelwe abangani, imingcwabo, imishado kanye neminye imibungazo.

NoNgubane wayelibona ijubane lomkakhe kodwa eziduduza ngokuthi ngisho angenzani owakwakhe, ungumfazi kwaNgubane. Kuzofuneka ukuba athambele owakhe umthetho, futhi azi ukuthi yena Bafana-ndini yindoda, iqhude lalo muzi. Yanyonyoba nenzondo yezincwadi. Wayesho manje uNgubane athi: 'Yeyi bantu, mina anginandaba ukuthi uthini u-*Faucoult,* u*Mary Daly*, no*Bell Hooks* wakho. Mina yinye into engiyishoyo kuwe. Lokhu kufunda kwenu kakhulu kuzoniphanyeka emthini. Naba oNtombi Sikhosana bazilengisa ngokufunda kakhulu. Akukho nsizwa lapha eThekwini engalokotha ishade uNtombi nePhD yakhe.'

'Angiyiboni inkinga mina kuPhD. Kwenziwa yini baba ka-*Euthy* ukuthi uma thina sifunda kakhulu sifika koPhD asifanele sigane, kanti uma kufunda nina niyagana nje kungabi ndaba zalutho?'

'Angazi nami, kodwa kunjalo. **Akekho umuntu wesilisa othanda ukuba aganwe isifundiswa** bese ehluleka ukuba asibonise. Abesifazane abangafundile ngamakhosi abantu. Bavuma konke, bakwamukele lokho okushiwo ngabayeni babo ikakhulu uma le nkulumo yabesilisa bedamane beyinonga ngemfahlalala yo-*in toto*, *modus operandi, vls---vls*, no-*mutatis mutandis*. Manje izifundiswa zamakhosikazi zivele zibachilize abayeni babo zithi, 'Ngiyeke mina ngalaba in *toto, modus operandi, vls*---*vls* kanye no*mutatis mutandis* bakho abangasebenzi futhi abaphelelwe yisikhathi.'

[Isahluko sesi-8, ikhasi 178]

13.1 Shono ukuthi kungani kwase kumkhanyela uMaMthimkhulu ukuthi ukufunda eyunivesithi akusho ukuthi umuntu uhlakaniphile, ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


13.2 Nikeza isizathu esenza ukuba uNgubane athi akufuneki abesifazane bafunde kakhulu ngokwalesi siqeshana. (2)

13.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle phakathi komlingiswa onguMaMthimkhulu noNgubane ngenkathi uNgubane ephindela eMlazi. (3)

13.4 Qhathanisa umoya ongafani ovezwa abalingiswa abakulesi siqeshana. (3)

13.5 Chaza isigameko esasifihlele umlingiswa onguNgubane esamenza ukuba ashiye umuzi wakhe wase-La Lucia. (3)

13.6 Ngabe yimuphi umyalezo odluliswa umbhali kubantu abafuna ukungena ebudlelwaneni bezothando? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguPrisca. (2)

13.7 Isenzo sikaMethiloni uMngadi sokukhuza uPoppy ngokwenqaba ukuthatha izingane zikaLinono simveza njengomlingiswa onjani uMethiloni uMngadi? Sekela impendulo yakho. (2)

13.8 Ucabanga ukuthi isenzo sika-Euthenasia sokweba imali kaMaXakushe sibe namphumela muni empilweni ka-Euthenasia? Sekela impendulo yakho. (3)

13.9 Ngokubona kwakho amazwi abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ayakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (2)

13.10 Xoxa ngokuhlolisisa ngempumelelo yombhali yokusethulela isigameko sokushayiseka kwemoto kamakhelwane uSibeko. (3)
**[25]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

Elinye lamasu obuciko athulwa kubuciko bomlomo ubuhlakani. Xoxa ngobuhlakani obuvezwe ezingxenyeni zobuciko bomlomo obulandelayo:

Inganekwane:'Ikhubalo likaFukwe'
Izibongo: 'Izibongo zikaGcina Mhlophe'

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo. **[25]**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa lezi ziqeshana ezilandelayo zezinganekwane bese uphendula imibuzo ehambisana nazo.

**ISIQESHANA E: INGANEKWANE: INGWENYA EDLA UTSHANI**

Phendula umbuzo OWODWA.

**Umxoxi:** Kwesukasukela …
**Abalaleli:** Cosu!

Izinto zazingamhambeli kahle uMazinyo, ingwenya endala eyayihlala echibini. Umashayandawonye wawudlala ngaye. Inkinga yakhe kwakungukuthi zonke izilwane zazingasayingeni eyokuphuza echibini. Ichibi leli kwakuyindawo lapho uMazinyo ayezibambela khona izinyamazane zakhe uma zithi ziphuza amanzi.

Engabe zase ziphuza kuphi lezi zilwane? Izilwane ndini zase ziphuza emakhaya azo, sezinompompi bamanzi ngenxa yempucuzeko. Izinkawu kuphela ezase zifika ziyophuza echibini kodwa nazo zazingasondeli eduze. Zazifika ziphonse ipayipi bese zimunca amanzi zibuqamama.

'Yimihlola!' Wakhononda uMazinyo. 'Kanti impucuzeko injena? Yindlala yodwa?' wazibuza ezamula kabili, kathathu, kwaze kwakhala izikelemu esiswini sakhe. Yazamula yaze yaphathwa yisiyezi into kaMazinyo.

Kwaqhamuka okuyinkawana kwafika kwaphosa ipayipi, kwamunca amanzi.
Kwathi makaqhume ukudinwa uMazinyo, kodwa wazibamba.

'Kodwa Nkawana sewungaze ube yivaka kangaka ngikwethembile!' kwabubula uMazinyo.

'Uhambe kabi Mazinyo, ngeke ungithole. Ukuba nginguwe ngabe ngizidlela utshani,' yasho inkawu yashaya isishwapha sayo yasithela ezihlahleni.

UMazinyo waphuma echibini wathi ukulula imicondo yakhe. Wathi uma ephonsa amehlo ngaphesheya wayibona impala ikha amanzi empompini. Wakhumbula amazwi enkawu, '*ukuba nginguwe ngabe ngizidlela utshani.*'
Ngokuphazima kweso, uMazinyo wacabanga isu. Wamemeza, 'We mngani wami Mpala! Uyayibona ukuthi imnandi kanjani impucuzeko? Awusadingi ngisho ukuyophuza echibini elingcolile. Mina impucuzeko ingisize kabi.'

'Angisayilokothi inyama. Asisekho isidingo sokucathamela izilwane zeNkosi.'

'Ngiyincwasimende manje. Sengiphucuzekile, sengidla utshani nemifino!'
Impala yamisa amadlebe ukuze izwisise kahle. 'Awuphinde, uthini?' yasho ibuza.

'Mina nenyama asisatholani,' kwaphinda ingwenya. 'Inyama ngeyamaqaba futhi ibanga ukunona nomkhaba.'

[Ikhasi 76–78]

Downloaded from Stanmorephysics.com


**KANYE NE**

**ISISHO:**

Ukusebenzela emuva njengenkukhu.

**INCAZELO:** Kushiwo kumuntu osebenza into engayi phambili nengenamphumela ekugcineni.

15.1 Nikeza isisusa sodweshu esitholakala kule nganekwane. (2)

15.2 Chaza kafushane ubuqili obuvezwa uMazinyo ngokwalesi siqephu. (3)

15.3 Qhathanisa ukuvezwa komlingiswa oyinkawu kanye nomlingiswa oyimpala ngokwale nganekwane. (2)

15.4 Chaza ukuthi lesi sisho esingenhla sihambelana kanjani nokwenzeka enganekwaneni. (3)

15.5 Xoxa ngempumelelo yomxoxi ekusebenziseni isu lokujeqeza emuva kule nganekwane. (3)

**KANYE**

Fundisisa lezi zibongo kanye neminye imibhalo yobuciko bomlomo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**ISIQESHANA F**

**IZIBONGO: IZIBONGO ZESILO UDINIZULU**

UMamonga woSuthu,
UMamonga akabulali, uyasizila,
Uqoth' imbokodo nesisekelo;
Ufana nendlov' emnyama yasoNdini.

USilwa nankunzi mbili,
Enye ngeyakwaNgenetsheni;
Enye ngeyaseBhanganomo.

Ithole lakokaMsweli
Elanyise liguqile.
Indab' engiyizwe ngimncane
Ngaze ngakhula ngayibona ngamehlo.

UMphangela langa lingakaphumi kwaNdunu,
Lithe liphuma,
Laliphuma ngezingazi zamadoda.
Wazithath' izihlangu zikaMandlakazi.
Wamshaya phansi uMncwasimbana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uXukwana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uNdlovu kaMaphitha;
Wamshaya phansi uPhuzukumila kaMaphitha;

Downloaded from Stanmorephysics.com

Wamshaya phansi uSiwana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uSikiza kaSomfula;
Wamshaya phansi akwabandaba zalutho.

Ohlasele ngemikhonto
Njengomuzi waseMkhontweni;
Ohlasele ngamhhashi
Njengomuzi wasemahhashini.

Ingwenya edlel' okhunjini lomfula,
Ngaphezulu yesab' imisebe yelanga.
Ugubuzel' uCeza noHlathikhulu.

Unhlamvu zamdela kwaCeza,
Zashay' amagatsh' emithi.
UPhondo lwendlovu,
Luyanqab' ukungen' ezindlini zamankengana.

Ingqungqul 'egoq' amaphiko
Enhla komuzi eKuvukeni.
Ukhozi lukaNdaba
Olweqe luphindelela kwaMandlakazi.

Izingqungqulu zibethene phezulu,
NgekaMaphitha enye,
NgekaJininindi enye,
Angiqondi nezobhabhalala
Kwathi eyaMaphitha yabhabhalala.

UMkhangula jozi phansi kwaTshana,
Ulikhangule ngoFalaza,
UFalaza wathukuthela.

Ucala lathethwa ngemikhonto kwaMalandela;
Amanye amacala ethethwa ngezindukwana.

UNobhananaza ngandlel' ezinyukayo
Eziqond' oThaka kuNkosiluhlaza.
Wath' ukub' afik' oThaka,
Kwathi iBhunu uPotolozi
Wakwethwes' isigqoko,
Wena weNdlovu!
Bayede!

[Ikhasi 117]

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**NEHUBO: UYAMEMEZA OKANDABA**

**Igosa:** Uyamemeza okaNdaba, uyinkosi yohlanga
**Abavumayo:** Haaaahaaaaa, uyinkosi yohlanga
**Igosa:** Uyinkosi yamakhosi, Uyinkosi yohlanga
**Abavumayo:** Haaaahaaaaa, uyinkosi yohlanga

[Ikhasi 156]

**KANYE**

**NESIPHICAPHICWANO**

**Umphici:** Ngikuphica ngomnumzane wami onentamo ende, <u>obukela phansi amanye amadoda</u>.
**Impendulo:** Indlulamithi
**Incazelo:** Indlulamithi inentamo ende. Zonke ezinye izilwane ikwazi ukuzibona zisekude futhi izibukela phansi ezinye izilwane ngenxa yentamo yayo ende.

[Ikhasi 174 ]

15.6 Tomula isisho esitholakala ebinzeni loku-1 esichaza ukuthi iSilo uDinizulu sasingashiyi lutho. (1)

15.7 Nikeza uhlobo lokuxhumana olutholakala ebinzeni lesi-2. (1)

15.8 Chaza kafushane umqondo oqukethwe yizibongo zeSilo uDinizulu kusukela emgqeni we-15 kuya kowama-22 kanye namagama adwetshelwe esiphicaphicwano. (2)

15.9 Qhathanisa okufanayo okwethulwa yizibongo zeSilo uDinizulu kanye nokushiwo ihubo ubhekise kundikimba yobuqhawe. (4)

15.10 Ukusetshenziswa kwesithakazelo ehubeni kuhambelana kanjani nokushiwo yizibongo zeSilo uDinizulu emgqeni wama-34 kuya kowama-37? (2)

15.11 Uyavumelana yini nokuthi iSilo uDinizulu besingumuntu oneso eliqaphelayo. Sekela ngokushiwo ezibongweni zakhe. (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula umyalezo othi, 'udlame alusona isisombululo sezinkinga' emdlalweni othi: *Kudela Owaziyo.*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

| | |
|---|---|
| LONDIWE: | *(Usebuyise izinhlonze)* Kanti unjani nje wena mame? Ngabe yiyona ndlela yokubonga-ke lena? Ungethi sengikusizile ngakusondezela abantu abasheshayo abazokulamulela kulo muntu wakho onesihluku esingaka lapha kuwe, kodwa wena usaqhubeka nokungisola? |
| MAMLANDULI: | Ubani lona obekujubile ukuba ubize labo bantu othi bayashesha, hhe? Wathi usha kancane umlilo kodwa wena wawuchela ngophethiloli, ngabe ufuna ukuwubona sewubhebhetheka yini? |
| MDALULI: | *(Uhleka kakhulu)* Ehhe! Mtshele wena mkami. Ngikuthanda ngoba uyalazi futhi awulibalekeli iqiniso. Ukuba ungomunye nje ngabe ulugoqile ulimi. |
| LONDIWE: | *(Ukukhulumela phezulu)* Hhayi-ke ake ngikuyeke kanjalo mame usalokhu uncetheza uzenza ngcono kubaba ube ubona ukuthi uyakuxhaphaza. Lilonke nje yimina lo … *(esho ezikhomba yena)* umnikazi wendaba. *(Ngeqholo)*<br>Ehhe! Abizwe yimina amaphoyisa baba ukuba azokulanda ngoba nami ungishayile izolo. Linjani lelo? Ngikhuluma indaba yokuthi ngize ngopha ngenxa yokuziluma emlonyeni emveni kokuba sengingqutshuzwe nguwena ngesibhakela emlonyeni sengathi ulwa nomunye umshayimankomane onjengawe eringini. Phika phela Mphezeni yikhona ngizokukhombisa incwadi kadokotela eveza ngokusobala ukuthi udebe lomlomo ludabuke maqondana naphi kanye nokuthi luthungwe nhloboni. Kungagcini lapho njalo. Ngihlome nangofakazi abathathu kulolu daba uma ngingezukumbala umama ngoba uyancetheza yena lapha kuwe. Wena kumele uyohlala namabhubesi esiqiwini ngoba udlame nesihluku lesi yinto yakho, uyikhonzile. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | |
|---|---|
| MAMLANDULI: | *(Usehwaqabele ebusweni)* Ukhuluma kanjani kodwa uma ukhuluma kanje ngoyihlo ekuzala mntanami? Usekufundisile uyihlo ngezimali zakhe waze wabambelela ezinkanyezini phezulu wasemfundweni ephakeme ngalolu hlobo? Ngikhuluma indaba yokuthi namanje usakukhokhela ezishisiwe izimali lezi eKolishi njengoba nje futhi esazokwehlukana nesizumbulu semali enkulu edingekayo maduze nje, kodwa wena phezu kwakho konke lokho umbonga ngepuleti lamasi … *(angabe esaqedela, aphazamiseke)* |
| LONDIWE: | Wenza okufanele phela uma engifundisa, njengomzali enganeni yakhe njengoba kuyilungelo lami ukufunda ngize ngigogode, kodwa naphezu kwalokho umthetho awumvumeli nangengozi nje ukuba angishaye. Futhi-ke anginalo neze nje igazi likaNxese mina. Wena-ke uma uzoshaya izandla ubekezelele ubaba ekuxebula ngemvubu sengathi uyihhashi, okwakho lokho. Bheka nje ukuthi ukudwebe imivimbo eminingi kangakanani emzimbeni …<br>*(Asho aze alinganise nangezandla ekhomba)* kodwa naphezu kwalokho usakhombisa ukumzwela lo muntu oyingozi kangaka kuwe ngenxa yonya nesihluku salolu hlobo. Kodwa isihe sani lesi mame ubulawa? Angithi ngeke ulale kulobu busuku banamhlanje ufuthelwa emzimbeni, ngubaba njalo imbangela yalokho?<br>Ngabe umbona esenalo uthando lwakho oluphelele njengomkakhe umuntu owenze nje? Usuke esakuthanda uthando lwamanyala mani – ke umuntu okuphilisa impilo yokuhlale unethwa isibhaxu ngalolu hlobo ajatshuliswe wukukubona ukhala ngaso sonke isikhathi? |
| | [Inkundla Yesi-3, Isigcawu sesi-5, ikhasi 68–70] |

17.1 Kubangelwa yini ukuthi kube nethoni yokuthukuthela kumlingiswa onguLondiwe kulesi siqeshana? (2)

17.2 Shono ukuthi umlingiswa onguMaMlanduli uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana. (2)

17.3 Chaza kafushane imbangela eyenza ukuthi umlingiswa onguMdaluli nomlingiswa onguLondiwe bangaboni ngaso linye. (3)

17.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izigameko ezenzeka ezaba yimbangela yokuthi uMdaluli ahlasele uChivenga. (3)

17.5 Chaza ukuthi izenzo zikaLondiwe zisigqamisa kanjani isizinda senkathi kulo mdlalo. (2)

17.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMdaluli ukuba uLondiwe wakhuluma iqiniso emaphoyiseni? Sekela impendulo yakho. (2)

17.7 Iyini inhloso yombhali yokusethulela isigameko somlingiswa onguMdaluli oshaye uChivenga? Sekela impendulo yakho. (3)

17.8 Ngabe yimuphi umlayezo odluliswa ngumbhali ngokuthi kube khona umlingiswa onguZenyezile kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

17.9 Uyavumelana yini nombono wokuthi iphupho likaMdaluli lokuqala lalibikezela ukuguquka kwempilo emzini wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

17.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho kulo mdlalo. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula umyalezo othi, 'umhobholo unemiphumela engemihle kwabanye abalingiswa' emdlalweni othi: *Awuwelwa UMngeni.*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA H**

| | |
|---|---|
| MBONGOLO: | Wena kaMashwilansimbi noNdabazabantu. Njengoba singaka lapha nje sonke saqhuma emthanjeni kaManyosi. Kodwa asiphelele. Ubala nje lolu olulapha. Silapha nje sizokhuza wona lo mhlola esiwuzwayo sithi: 'Hhawu! Pho khona izwe selifile uHulumeni njengoHulumeni usengaliqhatha kubhekiwe kanje pho! UNdabazabantu naye uSomtsewu ababoni yini ukuthi ngokuvumela ukuba kuqeshulwe izwe likaManyosi liweliswe uMngeni konke nabantu balo kuyophanisa kubelungu, kuzoqhatha izwe?' |
| ZITHULELE: | *(Wambhekisisa uMbongolo wase ebheka phansi ecabanga.)* |
| NODWENGU: | Thina asizimisele ukuphikisana noHulumeni. Kepha-ke kulesi senzo siyehluleka ukungameluleki noHulumeni uma esephaphalaza. Izwe akuyona into encane. Ngisho endulo ezikhathini zamakhosi kaZulu oShaka, oDingane nawoCetshwayo, umhlaba wawulwelwa, kufe abantu. Lo mhlaba akuwona nje owamaNgwazi kodwa ngowenkosi kaZulu nabantu bayo. Thina laba *(ehwaqabala).* |
| MCONDO: | Mina ngiyowuwela ngesihlenga ngiyisidumbu uMngeni. UHulumeni akasitshele uma eqonde kusuke isibhicongo saseSandlwana. |
| NODWENGU: | *(Ukhuza uMcondo.)* |
| GUNDANE: | Uqinisile umfowethu uMcondo! Uqinisile impela. |
| MCANJANA: | Kungakuhle uHulumeni aphinde ayicabangisise kahle le nto eshiwo nguSomtsewu asecabanga ukuyenza. USomtsewu yena uphendulwe yini ukuba abonisane nathi engakafiki esiphethweni salolu daba? Yini thina simane sitshelwe nje kungaboniswana nathi? |
| ZITHULELE: | (Ekhulumela *phansi)* Ngumfowenu nalona? *(Ebuza kuSalimani.)* |
| SALIMANI: | Kunjalo. Ngumfowethu wasoDibini lona. NguMcanjana. |
| MBONGOLO: | Yena uSomtsewu unasibindi sini sokwemukela akutshelwa ngabelungu bamapulazi beyizifiki azi kahle kamhlophe ukuthi ngeke size siyemukele thina nesizwe sonke le mbudane? |
| ZITHULELE: | Bayakhuluma abantu bakho. Bayakhuluma abafowenu ngiyezwa. Kepha-ke aninamandla okuphikisa uMbusi wezwe. UHulumeni akaphikiswa 'abantu'. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

SALIMANI: Kanti yena yindoda enjani engelulekwa? Kungaba khona ukuthula uma kunjalo? Kanti ngamatshe yini ngoba abantu banegazi nemizwa nezinhliziyo ezingaphakelwa labo abasuswayo? Njengoba sebechaze baqeda abafowethu uVimbingwenya akakaze abe yingxenye yamapulazi abelungu abathi awabo. NoMngeni awukwazi ukuba owabo.

ZITHULELE: Ukubadelela laba bantu bakho bakwaVimbingwenya nabaseMngeni babuyele konkosana kuzobaxazululela izinkinga ezinkulu. Ngeke usabhekana nomsebenzi wokuxazulula izinkinga zabo udale nokuthula kuleya ndawo. Ukuncipha kwabantu bakho ngale ndlela kuzokunciphisela nezinkinga. Abelungu futhi bazokhiqiza ukudla kuthenge nabantu bakho badle basuthe.

SALIMANI: Yinhlamba leyo. Abazidlakudla. Izinkinga zabo azingesindi.

MCONDO: Yimihlola lena! Wona amalungelo ethu anjengokuzifuyela ngokuthanda nokuziphilela kamnandi siyobe sisawatholaphi uma singadayiswa ngale ndlela?

ZITHULELE: Akukho malungelo azonilahlekela. Wonke amalungelo enu ayosala enjalo. Futhi nizoba seduze nanedolobha nithole kalula nezimvume zokusebenza eMgungundlovu.

MBONGOLO: Abadinge buduze bedolobha abantu bakithi. Uzobaqukula nenhlabathi ubasondeze edolobheni?

[Inkundla Yoku-1, Isigcawu-sesi-3, ikhasi 15–17]

19.1 Kubangelwa yini ukuthi kube nethoni yokuthukuthela kumlingiswa onguMbongolo? Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

19.2 Shono ukuthi umlingiswa onguMcondo uvezwe njengomlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

19.3 Chaza kafushane imbangela eyenza ukuthi uSalimani nabafowabo babe nomuzwa ongefani nokaZithulele kulesi siqeshana. (3)

19.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izigameko ezenzeka ezaba yimbangela yokuthi abantu basemapulazini bahlasele abantu bakaSalimani. (3)

19.5 Chaza ukuthi izenzo zikaHulumeni emelwe nguZithulele zisigqamisa kanjani isizinda senkathi kulo mdlalo. (2)

19.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMphiliphili ukuba wakhuluma iqiniso kuSalimani mayelana nezenzo zikaSomtsewu zokumnika imali? Sekela impendulo yakho. (2)

19.7 Iyini inhloso kaZithulele yokusebenzisa abantu basemapulazini ukuba bayohlasela abakaSalimani? Sekela impedulo yakho. (3)

19.8 Ngabe yimuphi umlayezo odluliswa ngumbhali wokuthi kube khona ijaji laseMgungundlovu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (3)

19.9 Uyavumelana yini nombono wokuthi ukujeqeza emuva kukaSalimani ngokwenzeka ngenkathi kufika abelungu yikho okwenza ukuthi uSalimani akugweme ukuthathelwa umhlaba? Sekela impendulo yakho. (2)

19.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho kulo mdlalo. (3)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula umyalezo othi, 'umhobholo wemali unemiphumela engemihle kwabanye abalingiswa' emdlalweni othi: Ubhuku Lwamanqe.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA I**

| | |
|---|---|
| NKUMBULO: | Ungalokhu ubalisa okwenina Thamsanqa khuluma nje liyashona ilanga. |
| THAMSANQA: | *(Ebamba esifubeni)* Mfowethu ngigula ngenhliziyo. Engikwenziwe nguPhindisiwe ngeke ngikukhohlwe. |
| NKUMBULO: | Kwenzenjani Thamsanqa? |
| THAMSANQA: | *(Ephefumulela phezulu okomuntu ophelelwa ngumoya.)* Ngisike nje elijikayo mfowethu. Kuvele ukuthi uPhindisiwe ngishada naye nje kanti ubeganile ngaphambili. Ugana mina nje akehlukanisile nomyeni wakhe uKubheka. |
| NKUMBULO: | Kangikuzwa kahle Thamsanqa? |
| THAMSANQA: | Ungizwa kahle Nkumbulo. |
| NKUMBULO: | Isiphelile iminyaka emihlanu nihlala ndawonye sekuze kunengane. Pho kungenzeka kanjani lokhu? |
| THAMSANQA: | Izinto zimana ukwenzeka. *(Ebuyela esihlalweni ahlale phansi.)* |
| NKUMBULO: | Mfowethu ukhumbule ukuthi maningi amankentshane lapha ngaphandle. Kunabantu abamane basukele amanga nje ngenxa yokuthi benomona ngendlela eniphilisana ngayo nonkosikazi wakho. Kufanele ukuqaphele nalokho |
| THAMSANQA: | Yiyona nje into engikutshela yona Nkumbulo. |
| NKUMBULO: | Ukhona umuntu ongashada kabili enkantolo? Abakubo bona bakwenza kanjani lokho? *(Ekhombisa ukumangala okukhulu.)* |
| THAMSANQA: | Kwamina ngisadinga leyo mpendulo. |
| NKUMBULO: | Uyithola kuphi le ndaba Thamsanqa? |
| THAMSANQA: | Le ndaba ngiyithola ekhaya njengoba ubaba ubengibizile nje. Bayizwe ngomyeni wakhe ongapheli khona ekhaya ethi uzocela okungokwakhe okusiswe kwaMathonsi. |
| NKUMBULO: | *(Enikina ikhanda)* Cha, bayedelela abanye abantu madoda. Isibindi esingaka uyosukela umuzi wendoda ukhuluma amanga? |
| THAMSANQA: | Kuthiwa akathumelanga uze yena mathupha? |
| NKUMBULO: | Ini? |
| THAMSANQA: | Ngempela Nkumbulo mfowethu. |
| NKUMBULO: | Ngeke Thamsanqa! Kungavuka abangasekho. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


THAMSANQA: Bavuke benzeni?
NKUMBULO: *(Ezwe ejuluka izithukuthuku zimfoma ebusweni.)* Ingabe kuyadlalwa.
THAMSANQA: Kusesekuncane okuzwile.
NKUMBULO: Empeleni lo muntu uchwensa wena Thamsanqa. Ayikho phela le ndaba.
THAMSANQA: Ikhona.
NKUMBULO: Kungani usho njalo?
THAMSANQA: Ekhaya bakholwe ngoba esekhipha isitifiketi somshado kwamina ngisibone ngalawa *(Ekhomba amehlo omabili.)*
NKUMBULO: Musa ukudlala izigebengu Thamsanqa. Isiqiniseko sokuthi leso sitifiketi sisemthethweni yisiphi? Uyabona mfowethu abantu kulezi zinsuku bagangile. Kukhona abathile emnyangweni wezasekhaya asebehlangene nalezi zigilamkhuba lapho kuganiswa khona abantu besifazane bengazi lutho.
THAMSANQA: Kuphele nasozwanini ngenkathi sekuvela nesithombe somshado beqabulana esontweni bephahlwe umfundisi owashadisa ubaba nomama.
NKUMBULO: Usuke wayihlokoza le ndaba kuPhindisiwe?
THAMSANQA: Kusuke esinamathambo. Uphike wema ngentaba. Okungicasule kakhulu ukuthi avuthe amalangabi nje engafuni ukuzwa lutho.
NKUMBULO: Uphika umshado noma uphika lo muntu?
THAMSANQA: Uyathintitha.
NKUMBULO: Manje ubona ukuthi ukholwe umuntu wezizwe kunalowo wasekhaya?
THAMSANQA: Ukufa akukho ezizweni kusekhaya.
NKUMBULO: Uqonde ukuthini Thamsanqa? Uqaphele ndoda ungalahlekelwa okukhona ngokungekho.
THAMSANQA: Indaba isiqedwa ngumama uma ethi uke washaya ucingo kusihlwa ngoMsombuluko. Uthe akamudle amqede uPhindisiwe. Akafunanga nakuzwa ukuthi ukhuluma nobani uvele wakhwela wadilika kumama esho nokuthi bavumelana ukuthi angamchitheli umuzi.

[Inkundla Yesi-2, Isigcawu sesi-3, ikhasi 50–52]

21.1 Kubangelwa yini ukuthi kube nethoni yokuthukuthela kumlingiswa onguThamsanqa? Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

21.2 Shono ukuthi umlingiswa onguNkumbulo uvezwe njengomlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

21.3 Chaza kafushane imbangela eyenza ukuthi uThamsanqa noNkumbulo babe nomuzwa ongefani kulesi siqeshana. (3)

21.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izigameko ezaba yimbangela yokuthi uThamsanqa agcine eselwa nabakwaMakhunga. (3)

21.5 Chaza ukuthi izenzo zikaSikela zisigqamisa kanjani isizinda senkathi kulo mdlalo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


21.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaPhindisiwe ukuba wakhuluma iqiniso ngenkathi uThamsanqa embuza ngomuntu oshaya ucingo? (2)

21.7 Iyini inhloso yombhali yokusethulela isigameko sokuthi umlingiswa onguThamsanqa ashaye uPhindisiwe? Sekela impendulo yakho. (3)

21.8 Ngabe yimuphi umlayezo odluliswa ngumbhali ngokuthi uNkululeko aye kwaMathonsi ayobatshela ngobudlelwano bakhe noPhindisiwe kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (3)

21.9 Uyavumelana nombono wokuthi iphupho likaMaMhlongo lalibikezela ukufika kukaNkululeko nokungathembeki kukaPhindisiwe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

21.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho kulo mdlalo. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

# IPHEPHA LESIBILI (P2)

# UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

# UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-39.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela wokumaka.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

**'IZINGXABO ZOMNYEZANE' – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-38.

Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyawuqonda umoya wenkondlo okuyisimo imbongi esuke ikuso uma ibhala/ihaya inkondlo kanye nokukhethwa kwamagama. Umoya wenkondlo kungaba owothando, owokukhathazeka, owokuhlukumezeka, owokubalisa njl. Umoya ugqanyiswa ukukhethwa kwamagama acebile/anothile asetshenziswe imbongi enkondlweni. Umoya wale nkondlo uxubile owokufisa/owokulangazelela nokujabula ukuthola imfundo yezinga eliphezulu.

**Ukukhethwa kwamagama acebile/anothile.**

- **Ngilangazelela ukudepha kwelenjulo-**Imbongi inomoya wokulangazelela/ wokufisa ukuthola ulwazi olujulile.
- **Kotatalambu bezingxabo zomnyezane-**Imbongi inomoya wokulangazelela ukuthola imfundo ephakeme efaniswa nezimpande zesihlahla somyezane ezivamise ukutholakala ngasemfuleni noma endaweni enamanzi.
- **Kuyisiyalu somthombo ompompoza-**Imbongi inomoya wokuncoma ulwazi oluhlale lukhona njalo**.**
- **Ngilubalubel' ukugxila kwelenjulo-**Imbongi inomoya wokulangazelela imfundo, ithi inesifiso esikhulu sokufunda ize ifike emazingeni aphezulu.
- **Ngizinz 'ekuthuleni ngijabul' unomphela-**Imbongi inomoya wokujabula. Ithi ifisa ukuba ihlale ikhululeke, ijabulela imfundo eyitholayo.
- **Ngikhephuzel' uhlaza ubusika nehlobo-**Imbongi inomoya wokuncoma. Imbongi ithi ngale mfundo iyohlala ibusa ngazo zonke izikhathi.
- **Ngizwe imvunge yemvelo ivungama**-Imbongi ithi ngale mfundo iyohlale ibatshazwa njalo ngabantu bekhulumela phansi beyincoma.
- **Ingoma kaqinadolo nethemb' elizayo-**Imbongi ithi ukujatshulelwa ngabantu kuyenza ibe nethemba.
- **Kulezo zimpande zemingamanzi ngigcule-**Imbongi ithi ifuna ukuthola ulwazi oluyilona lona oluzoyanelisa ukuze iphumelele.
- **Ngivunulis' ubuchopho ngohlaza-**Imbongi inomoya wokulangazelela ukuthi ngale mfundo ngelinye ilanga igcine ithole iziqu/ulwazi olujulile.
- **Lwamaqabung' ayonginqwambis' okweqhawe-** Imbongi inomoya wokujabula. Ithi iyazibona seyiphumelele seyithweswa iziqu.
- **Ngiqoth' uphoko nokhothe lwendlela-**Imbongi inomoya wokuncoma noma wokuzigqaja. Imbongi izibona iphumelela ngokuseqophelweni eliphezulu kakhulu ithola konke ekufundisiwe. Imfundo izoba umphako wayo wendlela ende esazoyihamba/iyisize ukubhekana nezimo zempilo.
- **Bafinye ngendololwane bethabile-**Imbongi inomoya wokujabula. Imbongi ijabulela ukuthi izobe isikwazi ukunikeza umndeni wayo zonke izidingo kubuswa ngenxa yemfundo eyithole kwaNgqondonkulu.

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi isebenzise amagama acebile/anothile ukugqamisa umoya wale nkondlo oxubile.
[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.] **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'UKUTHULA' – BW Vilakazi**

2.1 Um<u>a</u> thin<u>a</u> sob<u>a</u>bili sing<u>a</u>hl<u>a</u>l<u>a</u> l<u>a</u>ph<u>a</u>,

[Nikeza imaki elilodwa uma elitomulile ifanamsindo] (1)

2.2 Le migqa igqamisa umqondo wokuthi imbongi uma ikule ndawo izwa amazwi abantu abakhulumayo okungaba abaphilayo nabangasekho. Imbongi ithi abantu bayehla bayenyuka, abanye bayabhukuda. Imbongi iphinde ithi abanye bayatshuza njengamahlengethwa. Abanye bagwedla izikebhe belokhu beqhelukisa utshani obukhukhulwe ngamanzi emifula.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane umqondo] (3)

2.3 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukuveza ukuthi umqondo womugqa wesi-4 uphelelele emgqeni wesi-6. I-enjambamenti idala ilukuluku kumfundi ukuba afunde ngokushesha kusuka kumugqa wesi-4 kuya kowesi-6.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane nge-enjambamenti] (2)

2.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwanosiqalo u'**Ngi**' ukuletha umgqumo omnandi osamculo nokugcizelela ukuthi imbongi ikhuluma ngayo uqobo.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusebenzisa imvumelwano] (2)

2.5 Imbongi isebenzise ithoni yokuncoma/yokutusa./yokugculiseka. Imbongi incoma/ igculiswa ukuba kule ndawo ewulwandle ngoba ayinakho ukuxokozela inokuthula / ijabula ngaphakathi yingakho ifisa ukuhlala nomuntu emkhonzile.

[Nikeza amamaki amabili uma ehlaziyile ngokusetshenziswa kwethoni] (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'MUSANI!' – MSS Gcumisa**

3.1 Musani ukukhala
Musani ukubibitheka,
Musani ukulila,
[Nikeza imaki elilodwa uma eyitomulile impindamqondo] (1)

3.2 Indikimba yale nkondlo ukufa. Imbongi imangazwa ukuthi kungani bekhala sengathi abanalo ulwazi lokuthi umama wabo uyekuphi njengoba eseshonile. Imbongi ibabuza ukuthi kumele ngabe banolwazi lokuthi ubengeyena owabo ngakho-ke ubuyela lapho avela khona.

[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile indikimba wasekela ngokwemigqa] (3)

3.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isiruza**,** ukuphumula nokumangala.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwesikhawu/kwesizura] (2)

3.4 Imbongi isebenzise isihlonipho 'usebiziwe' ukugqamisa ukuthi umuntu omdala lo oshonile. Yingakho imbongi ithi mabangakhali kepha mabajabule ukuthi uthathwe nguNkulunkulu/abakubo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokusetshenziswa kwesifengqo wasekela] (2)

3.5 Imbongi iveza umoya wokunxusa/wokuncenga. Imbongi inxusa/incenga abantu abakhalayo ukuthi abangalokhu bekhala kodwa abamukele isimo sokudlula emhlabeni sikamama wabo abamthandayo.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngempumelelo yembongi ekuvezeni umoya] (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'IMPI' – SRC Shongwe**

4.1 Amaviyo nezingeqiwa ntwala,
Amaviyo namanxebakazi,
Amaviyo nemikhontshwana.

[Nikeza imaki elilodwa uma ebhalile imigqa enokuxhumana] (1)

4.2
- Imbongi iveza ubunzima obubhekana nabafundi ngesikhathi besempini befunda.
- Imbongi ithi le mpi eyimfundo akuyona eyamagwala kumele uzimisele.
- Imbongi iphinde ithi nayo isikulungele ukuyilwa njengoba isiphethe izikhali zayo zokubhekana nale mpi eyimfundo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekushilo okushiwo yibinza] (3)

4.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa ifanangwaqa/ifanankamisa u-'**k**'/**u** ukuletha umgqumo osamculo omnandi.

[Nikeza mamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwefanamsindo] (2)

4.4 La magama angelekelele ukuba ngiqonde ukuthi asikho isikhathi sokuphumula. Kufanele uhlale uzimisele ukulwa noma ngabe uhlangabezana nobunzima obungakanani. Imbongi ithi ungabheki izingozi osunazo , nokuthi ungalweli ukunconywa, qhubeka ulwe.

**NOMA**

La magama angelekelele ukuba ngiqonde ukuthi asikho isikhathi sokuphumula. Kufanele uhlale uzimisele ufunda noma ngabe uhlangabezana nobunzima obungakanani. Imbongi ithi ungaphazanyiswa izifundo ezikuhlulayo, ungafundeli ukunconywa abanye, qhubeka njalo ufunde.

[Nikeza mamaki amabili uma evezile ukuthi ukukhethwa kwamagama kulekelele kanjani wasekela] (2)

4.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa ukuphindaphinda igama 'impi' ukugqamisa ukuthi akukho ukubusa kule ndawo, uphumelela kuphela ngokuthi ubambe impi noma ngabe kukhona izingqinamba obhekana nazo endleleni ukuze unqobe.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngokuphindaphindwa kwegama] (2)
**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'YIBA NABO NKOSI' –TE Nxumalo no LM Mlambo**

5.1 5.1.1 I-okzimoroni

5.1.2 Isenzukuthi

[Nikeza amamaki amabili uma ezinikezile isifengqo] (2)

5.2 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukuveza ukuthi umqondo womugqa wesi-7 uphelele emgqeni wesi-8. I

[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane i-enjambamenti] (2)

5.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwano siqalo u'**Ba** …' ukuletha umgqumo osamculo omnandi nokugcizelela.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwemvumelwano-siqalo] (2)

5.4 Leli binza liqukethe umqondo wokuthi imbongi isikhulile, abazali bayo sebeyaziqhenya ngayo futhi balokhu beyikhombise njalo uthando olungapheli.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile umqondo osobala webinza] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukugqamisa umoya wokuncenga kuleli binza. Imbongi incenga uNkulunkulu ukuthi agcine abazali bayo bangehlelwa izinto ezimbi noma ngabe isimo somhlaba siguquka.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngomoya] (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**Impendulo:**

Lesi sitatimende siyiqiniso ngoba abanye abalingiswa bathatha izinqumo bengazicabangisisanga okuholele ekutheni kube nomphumela ongemuhle kubona kanye nabanye abasondelene nabo kule noveli.

- **UMhlengi** uthatha isinqumo sokushintsha ubulili. Akayixoxi namuntu le ndaba yakhe kepha ubonakala esefika kuNontobeko emala qede ahambe. Isinqumo sokumala simenza kwayena uMhlengi aphatheke kabuhlungu aze akhale. UNontobeko uphuma efulethini esangene ikhanda uze uziphonsa emotweni imshayisa kabuhlungu, ungena esibhedlela.
- Uyaqhubeka uMhlengi uya kuNgidi uyise eyombikela ukuthi yena uyi *gay.* UNgidi uyadideka, uyathukuthela uyamxosha kwakhe. UNgidi uba nokucabanga ukuthi akamkhulisanga kahle uMhlengi yingakho ethatha lesi sinqumo. Uphoxwa nawukuthi ubesethembele kuyena ukuthi uyobheka ipulazi amthengele lona.
- Emhlanganweni woSomabhizinisi eThekwini uMhlengi uhlangana noXolani unquma ukulokhu emvakashela aze athandane naye emazi ukuthi ushadile kepha engakugqizi qakala lokho. UXolani ugcina exabene nenkosikazi yakhe eshelwa nayizingane.
- Isinqumo sokuzishintsha ubulili yimfihlo yakhe yedwa, akatsheli nalowo asethandana naye uXolani okwaholela ekutheni uXolani abe nokuhlukumezeka okukhulu ekugcineni uma esethola amaqiniso okuthi igama lakhe langempela nguMhlengi, waziguqula ubulili negama waba nguMahlengi.
- UNdumiso isoka likaMahlengi uthatha isinqumo sokuyobamba uNgidi inkunzi ukuze akwazi ukulobola uMhlengi ngoba esenesikhwele. Lesi sinqumo siholele ekutheni agcine edubula uNyambose. Izindaba zokubanjwa kukaNgidi inkunzi zibikwa nguZakithi emaphoyiseni, uNdumiso uyaboshwa.
- UXolani uthatha isinqumo sokubonana noMahlengi emuva komhlangano wosomabhizinisi, lokhu kuholele ekutheni angasaphilisani kahle nomndeni wakhe ngoba wayesenamanga ekhohlisa uLungile inkosikazi yakhe uma embuza ukuthi ubuyaphi ebusuku. Ugcina eshaywa kabuhlungu nguNdumiso isoka likaMahlengi ngoba emthole eya kuMahlengi.

Downloaded from Stanmorephysics.com


- UNontobeko uthatha isinqumo sokuthandana noNkululeko ebe azi ukuthi usathanda uMhlengi. Lesi sinqumo saba nomphumela ongemuhle kunina/ ngoba waphoxeka kakhulu emndenini ngenxa yokuthi washiya phansi umshado eseyingoduso kaNkululeko. Lesi senzo sakhe sahlukumeza uNkululeko owamthela ngehlazo wamphula inhliziyo ngoba wayemthanda kakhulu, wagcina esezikhungile. Naye uqobo wahlukumezeka kakhulu ngoba wahamba wayofuna uMhlengi okwathi ngenkathi esemthola wathola ukuthi wazishintsha waba ngumuntu wesifazane.

Bonke laba balingiswa abakhombise ukuzicabangela bona bodwa akubasizanga ngalutho lokho ngoba ekugcineni abaphumelelanga kodwa kunalokho kube nezigameko ezibe zimbi ezenzeke kubona uqobo nakubantu abasondelene nabo.

[Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Umlingiswa onguNontobeko unomuzwa wokujabula ngenxa yezindaba ezimnandi azizwe ngoNgidi zokuthi usetholakele uMhlengi.

[Nikeza amamaki amabili uma esho isizathu] (2)

7.2 Isigameko esikhalisa uNontobeko esokuzwa izindaba zokushona kukaNkululeko otholakale ezilengisile ngoba ecabanga ukuthi uzilengise ngenxa yakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma enikeze isigameko] (2)

7.3
- UNdumiso wafika kwaNgidi ezenza umfundi wasenyuvesi, uthe angamemukela uNgidi wase emxhapha ngenhlamba.
- UNdumiso wamhlohloloza uNgidi, emsikaza, emdondonya ngesibhamu ekhanda.
- UNdumiso ukluluza kabi uNgidi umbopha umlomo ngesikhafu, umbopha izandla ngentambo.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe ngamaphuzu udweshu] (3)

7.4 UNontobeko unomoya wentokozo, uthokoziswa yizindaba azizwa ngoNgidi zokuthi usetholakele uMhlengi. Umoya wokwethuka, uNontobeko wethuswa ngukuthi akazi ukuthi uMhlengi uzokwenzenjani uma sebefika engabalindele benoNgidi. Umoya wethemba, wayethemba ukuthi uma bengamthola uMhlengi kungenzeka babuyelane. Umoya wokwethuka, uNontobeko uthuswa yindaba ayitshelwa ngunina yokuthi uNkululeko uzibulele. Umoya wokudabuka, uNontobeko udatshukiswa ngukuthi uNkululeko useze washona ngenxa yakhe.

[Okuthathu kwalokhu]

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umoya] (3)

7.5 Isigameko esifihlelwe uNgidi nguShezi esokuthi uMhlengi wabe esezishintshe ubulili ngenkathi emthola. Lokhu akathandanga ukuthi amtshele uNgidi kepha wayefuna ukuba azibonele yena mathupha ngoba wayengazi ukuthi uzokwenzenjani uma esembona.

[Nikeza amamaki amathathu uma esichazile isigameko esifihlelwe uNgidi] (3)

7.6 Umyalezo othi, kubalulekile ukuthatha isikhathi ukuze ukwazi ukubona ukuthi umuntu ofuna ukungena othandweni naye ungumuntu onjani. UNkululeko wajaha ukushada uNontobeko engakamazi kahle kanti inhliziyo yakhe isekuMhlengi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umyalezo wase enikeza nezizathu zokwenza kanjalo.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.7 Isenzo sikaXolani sokushiya uLungile noSabelo simveza njengomlingiswa ongenalo uzwelo/ozicabangela yena yedwa. Wayefuna ukuyobona uMahlengi yize wayefice umkakhe edinda isililo ngenxa yokushonelwa yizingane. Wabuye waqamba amanga kumzala wakhe wathi uya emaphoyiseni.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukuthi uXolani ungumlingiswa onjani]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

7.8 Kube nomphumela omubi ngoba:
UNontobeko waphatheka kabuhlungu, waphuma efulethini lakhe ephuphutheka washayiswa yimoto walimala kabi waze wayolala esibhedlela. Impilo yakhe ayizange isaqhubeka ngoba wayesalokhu enethemba lokuthi bazobuyelana noMhlengi. Wathi noma eseyingoduso kaNkululeko wahluleka ukuqhubeka nomshado wahamba wayofuna uMhlengi kepha wamthola esazishintsha ubulili waba ngumuntu wesifazane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuveza umthelela] (3)

7.9 Ngombono wami siyakholeka ngoba uma ulahlekelwe ngumuntu omthandayo ungenza noma yini efanelekile kuwe ukuze umthole.

**NOMA**

Ngombono wami asikholeki ngoba umuntu wesifazane ubengeke ahambe yedwa aye endaweni angayazi futhi aqalayo ukuya kuyo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba ugqamise ubudedengu bukaXolani bokuthi akhiyele izingane zodwa endlini azishiye ayohlangana noMahlengi. Lokhu ubekwenziswa ukugajwa uthando lukaMahlengi. Ngesenzo sikaXolani kugcine kuphume umphefumulo wezingane ezingenacala. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**QAPHELA:**

Lesi sitatimende siyiqiniso ngoba abanye abalingiswa bathatha izinqumo bengazicabangisisanga okuholele ekutheni kube nomphumela ongemuhle kubona kanye nabanye abalingiswa abasondelene nabo kule noveli.

- UMeyili uthatha isinqumo sokuxosha uNomvula emzini wakhe. Lesi sinqumo siba nomphumela ongemuhle ngoba wayengazi ukuthi uNomvula uzoba yisiqumama ngokuwina i-pick six.
- UMaHadebe uthatha isinqumo sokucela umfana wakhe uMahuzu ukuba ayodlisa uNomvula umuthi wokumhlanyisa. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle ngoba ngesigameko sokugetshengwa kukaNomvula kugcina kufe yena uMahuzu engozini yemoto.
- UChule uza namaqhinga ehlukene ukulutha uNomvula, uthatha isinqumo sokuvakashela uNomvula ezenza umfundisi ngoba esezwe elemali ayiwinile. Lesi sinqumo saholela ekutheni uGenyeza isoka likaMirriam limsasazela ngezinja, athwetshulwe ngabamaphephandaba elunywa yizinja. Ibandla akhonza kulo nalo lamnquma ekubeni ngumfundisi wenkonzo. Isenzo sakhe silulaza inkonzo. Akanandaba nemizwa yamalunga ebandla awafaka ehlazweni.
- UChule utshela uNomvula ukuthi washonelwa umkakhe nezingane ezimbili. Uphinde adobe uNomvula ngokumfundisa ngezamabhizinisi ngoba egaqele umcebo wakhe. Okuyindlela yokumyenga ngamanga. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle kuNomvula ozithola esenemizwa kaChule owenza sengathi uyamthanda ushiya uGenyeza, kanti uChule akamthandi kodwa ufuna imali yakhe kuphela.
- UChule usebenzisa ubuqii ukuze azuze uNomvula okubandakanya ukuthenga uSonosemali ngemali, ukuzisondeza kwakhe kakhulu kwabakwaDicey okungabaqashi bakaNomvula kanye nokubamba ngengqondo uHlulintombi ukuze angabe esaba yimpimpi kaGenyeza emthuthela izindaba ngezesheli zikaNomvula. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle kubudlelwane beminyaka eyi-15 bukaGenyeza noNomvula abagcina ngokuhlukana.
- UChule ozenza umfundisi wenza ubugebengu bokushada nabesifazane abanemali ukuze azuze umcebo wabo. Uqola uMaDludla imali ayeyishiyelwe umyeni wakhe uCindi ngemuva kokushada naye umshadombumbulu. Akamdabukeli ngisho esekhala ngemali yezingane zakhe futhi ayesimame ngayo ukuba abe nala mabhizinisi anawo nomuzi kanokusho. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle kuMaDludla ogcina esehlupheka nezingane zakhe.

Downloaded from Stanmorephysics.com


- UChule akeneliswa noma eseshade noNomvula uba nomhobholo wokufuna ukuyidla yedwa imali kaNomvula ephila ngokuzenzisa emzini wabo. Wanquma ukwakha iqhinga lokubulala uNomvula. Lokho kuba nomphumela ongemuhle ngoba uChule ufa kabuhlungu epitshizwa yimoto ogibeni ababelicuphele uNomvula. Yonke imali ayenayo ayengafuni izuzwe nguNomvula, yabuyela ngakuNomvula ngoba babeshadile.

Bonke laba balingiswa abakhombise ukuzicabangela bona bodwa akubasizanga ngalutho lokho ngoba ekugcineni abaphumelelanga kodwa kunalokho kube nezigameko ezibe zimbi ezenzeke kubona uqobo nakubantu abasondelene nabo.

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka) **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 UHlulintombi uthwala amehlo ngoba uzwa izindaba abengazilindele zokuthi uMiliyemu uyamthanda.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile izizathu] (2)

9.2 Isizathu esashiwo uSonosemali esokuthi uHlulintombi ulibele ukugadela uGenyeza intombi yakhe, uMiliyemu. Kanti ngokukaSonosemali uMiliyemu uyamthanda uHlulintombi.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile izizathu] (2)

9.3
- UNomvula waluma udebe lukaMsonteni, wamnamathela akangasuka.
- Wathatha iphulamastofu eyayisetafuleni wajikijela uMsonteni wajojeka ehlweni.
- Wehlisa isandla nebhulukwe, wamshuka waze wajuluka.
- Wamphuca isibhamu wamkhomba ngaso.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe ngamaphuzu amathathu] (3)

9.4 UHlulintombi unomoya wokumangala ngoba wayengazange azibone yena esethandana noNomvula njengoba kusho uSonosemali. UHlulintombi unomoya wokukhathazeka ngoba uma eseshela uMirriam uGasta uzomshiya nobani. Umoya wokujabula ngoba usecetshiswe ukuthi abhale incwadi yokushela uNomvula esazi ukuthi uyamthanda. USonosemali uveza umoya wokucasuka ucasulwa uHlulintombi olokhe ethithiza mayelana nokweshela uNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umoya] (3)

9.5 UHlulintombi wayefihlelwe ukuthi kudlalwa ngaye ngoba akaze athi uNomvula uyamthanda. USonosemali wayefuna ukuba naye uHlulintombi axabane noGenyeza ukuze kuvuleke ithuba lokuba kungabi bikho umuntu ogade uNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma esichazile isigameko esifihlelwe uHlulintombi] (3)

9.6 Umyalezo othi, kubalulekile ukuthatha isikhathi ukuze ukwazi ukubona ukuthi umuntu ofuna ukungena othandweni naye ungumuntu onjani. UMaDludla akazinikanga isikhathi esanele sokwazi uChule ngaphambi kokuba ashade naye wajaha ukushada ngemuva nje kancane kokukhumula inzilo. Wenqaba nokuthatha izeluleko zomndeni nezingane zakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umyalezo]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.7 Simveza njengomlingiswa onesikhwele/akathembi muntu/ovikelayo. Wayesaba ukuphucwa uNomvula oyintombi yakhe yeminyaka eyi-15 futhi esola ukuthi abantu yizigebengu ezigaqele umcebo kaNomvula.

[Nikeza amamaki amabili uma emchazile ukuthi ungumlingiswa onjani wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

9.8 Ngicabanga ukuthi kwaba nomthelela omuhle ngoba wavuka emaqandeni, wavuselela ikhono lakhe lokucula. Waphumelela emncintiswaneni wabaculi abasafufusa neqembu lakhe. Wathola ithuba lokuqopha emsakazweni naseGoli. Wathola ukuxhaswa wuDicey no-Campbell ngemali. Waziwa nakwamanye amazwe, wagcina esenemali. Babuyelena noNomvula, esenemali bashada base bakha umuzi kanokusho.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umthelela] (3)

9.9 Ngokubona kwami siyakholeka ngoba esikhathini samanje sebebaningi abantu abazenza abefundisi ngoba befuna ukuqola izimali zabantu.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukuthi kuyakholeka noma akukholakali]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

9.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba lesi sigameko saveza obala ubuqili bukaMaHadebe. Wapheka ukudla wakunika uMaNdelu owayesesola ukuthi uMaHadebe ufuna ukumbulala. Inja nekati kukaMaNdelu zathi zingadla ukudla okwakunikwe uMaNdelu kwasa zifile.

[Nikeza amamaki amathathu uma esishilo isigameko sokufa kwenja nekati] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**QAPHELA:**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

**Umbuzo omude:**

**Impendulo:**
Lesi sitatimende siyiqiniso ngoba abanye abalingiswa bathatha izinqumo bengazicabangisisanga okuholele ekutheni kube nomphumela ongemuhle kubona kanye nabanye abalingiswa abasondelene nabo kule noveli.

- UDumazile uthatha isinqumo sokuqoma uthisha uMoloi ngoba nje ezwe oMemu Ngcamu kanye noMemu Mpungose bemhleba ngesikhathi besendlini yangasese. UDumazile uyakhulelwa okuholele ekutheni agcine esexoshwa nasesikoleni. Uthisha uMoloi unentombi abafundisa nayo lapha esikole uMiss Hlophe.
- UDumazile ngesikhathi esebenza esitolo sikaSithole, uhletshwa uLizzy kumkaSithole ukuthi kubukeka sengathi banobudlelwano benoSithole. UMaNzimande uthatha isinqumo sokuxosha uDumazile kwakhe, ulokhu elwa noSithole engasamhloniphi okwaholela ekutheni uSithole amshiye ayohlala noDumazile eMafezini, emzini ayemthengele wona.
- USithole unquma ukungawukhokheli umshwalense wesitolo. Ngebhadi kanti uDumazile noMthovovo bakhanda itulo lokuyogqekeza esitolo bese beyasishisa ngoba babazi ukuthi umshwalense uzokhokha. Lesi sinqumo saholela ekutheni uSithole aphenduke uphuya.
- USithole uvuma ukuthwala icala likaDumazile lokuvuma enkantolo ukuthi uzozikhokha izindleko zomlungu amshayisa ngemoto. Uyahluleka ukumkhokhela umlungu wagcina eseboshwa.
- Uthola umsebenzi wokudayisa umshwalense lapho uphinde uhlangana noDumazile. Uyalutheka bagcine ngokubuyelana kanti uzohlangana noSithole ngenkathi eyobona uDumazile kwakhe. Ugcina eselwa noSithole, uyamshaya indaba igcwala emaphephandabeni.
- Ukungaziphathi kahle kukaDumazile kwaba nomphumela wokuthi abe nezingane zobaba abahlukene ekaSithole kanye noMoloi. ULerato noMtholephi, bayaqhoshelana ngobaba babo. Lokhu kwakudala isimo esingesihle ekhaya ngoba babepiklelana ngobaba babo omunye ebona owakhe ubaba engcono kunowomunye.

Downloaded from Stanmorephysics.com


- UMtalaselwa uthatha isinqumo sokushada noDumazile yize unina emkhuza emtshela ukuthi UDumazile angeke ahlukane noyise bezingane zakhe. Isinqumo sikaMtalaselwa sokuqhubeka ashade noDumazile saholela ekutheni ahlukumezeke ngoba uDumazile wayesehlangana noyise bezingane emzini wabo nasemgwaqeni ayehlala kuwo, ebonana noSithole. Wagcina ethela uMtalaselwa ngehlazo lokubangwa amadoda amabili uSithole noMoloi. uDumazile uphetha ngokubaleka kwakhe ashiye umshado wakhe. Isinqumo sokubaleka kukaDumazile saba nomphumela ongemuhle ngoba izingane zakhe zasala zodwa. ULerato wagcina eseyeka isikole ngoba kwase kufanele agade izingane zakubo.

Bonke laba balingiswa abakhombise ukuzicabangela bona bodwa akubasizanga ngalutho lokho ngoba ekugcineni abaphumelelanga kodwa kunalokho kube nezigameko ezibe zimbi ezenzeke kubona uqobo nakubantu abasondelene nabo.

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka) **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – MJ Wanda**

11.1 UMtalaselwa uthi uhambe kahle ngoba ayibanga khona inkinga uma ebatshelile ekhaya ukuthi uzothumela abakhongi ekupheleni kwenyanga.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile isizathu] (2)

11.2 Isizathu sokuthi uDumazile useze wathola umkhwenyana wangempela, babekade befisa ukuthi kube khona abahlomula ngakho endodakazini yabo.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile isizathu] (2)

11.3
- UDumazile wenqaba ukwakha umuzi wabo noMtalaselwa kwaJilafohlo ngoba ethi akathandwa muntu kwaZuma futhi uzocela uyise uKheswa abanike indawo bayokwakha eMzimkhulu, wanqaba uMtalaselwa ukuyoba wusibali-makoti.
- UDumazile uthi uMaShandu akakikizanga ngenkathi beshada noMtalaselwa. UDumazile uphinde athi wezwa ngomesisi Vilakazi ukuthi odadewabo bakaMtalaselwa, uBavelile noBadingile bambiza ngeqhashamlenze, umsalazabiwa nembexembexe yedisholo ledikazi.
- UMtalaselwa akakuthandi ukuzwa ukuthi uDumazile uxoxa nabantu bakwaVilakazi ekubeni azi ukuthi abangenelani ngoba badla umngcele wakwaZuma.
- Baphinde babanga ukuthi uDumazile uye kobhula watshelwa ukuthi uMaShandu nguyena othakatha ingane yabo uSanele ngokuyithumela ngezilwane.

[Okuthathu kwalokhu]

[Nikeza amamaki amathathu uma eluvezile udweshu lwangaphandle kwabalingiswa] (3)

11.4 UDumazile uveza umoya wothando ngoba ubonisa uthando kuMtalaselwa uze umbiza ngegama elithi, *sweetheart*. Umoya wokujabula, uDumazile ujatshuliswa ukubona abazali bakhe bethokoziswa ukuthi izifiso zabo zokuthi bathole okuthile ngaye zifezekile. Umoya wokugculiseka, uMtalaselwa ugculiswa ngukuthi abazali bakaDumazile babengabizanga kakhulu abantu bakaZuma imali yamalobolo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umoya] (3)

11.5 Isigameko esifihlelwe uMtalaselwa nguDumazile esokuthi yize emthanda uMtalaselwa kepha akawufuni umndeni womyeni wakhe futhi ukuyohlala endaweni yaseJilafohlo. Uhambile waya kwababonayo wase etshela uMtalaselwa ukuthi unina uMaShandu unesandla ekuguleni kwengane yabo. Waqala wahambelana nomakhelwane bendawo abe azi kahle ukuthi abezwani nabakwaZuma. Wayesehlala ngokuxabana nodadewabo kaMtalaselwa, esho nokuthi abamfuni konke lokhu kwaholela ekutheni bagcine bethutha eJilafohlo.

[Nikeza amamaki amathathu uma esichazile isigameko esifihlelwe uMtalaselwa ] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.6 Umyalezo othi, kubalulekile ukuthatha isikhathi ukuze ukwazi ukubona ukuthi umuntu ofuna ukungena othandweni naye ungumuntu onjani. UMtalaselwa akazange azinike isikhathi sokuthola kabanzi ngezobudlelwano zikaDumazile wase emlobola bashada ngokushesha.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umyalezo wawusekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.7 Simveza njengomlingiswa onesikhwele/akazethembi akathandi ukubangiswa kuMoloi yize yena angena kuMoloi ebe eganiwe. Akazihloniphi, wehlela ezingeni likaDumazile ebe eyingane yesikole yena ewuthisha futhi emdala.

[Nikeza amamaki amabili uma emchazile ukuthi ungumlingiswa onjani wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.7 Simveza njengomlingiswa onesikhwele/akazethembi akathandi ukubangiswa kuMoloi yize yena angena kuMoloi ebe eganiwe. Wehlela ezingeni likaDumazile ebe eyingane yesikole yena ewuthisha futhi emdala.

[Nikeza amamaki amabili uma emchazile ukuthi ungumlingiswa onjani wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.8 Sinomphumela omubi ngoba kwaphela ukuthula ekhaya, uMaNzimande wayesehlala ngokulwa noSithole. Waphenduka ihlaya kubasebenzi basesitolo ngoba wayeseya nasesitolo ayolwa noSithole ngoba engalalanga ekhaya. Umyeni wakhe uSithole wamshiya wayohlala noDumazile eMafezini. UMaNzimande wasala ekhulisa ingane yedwa, esehlupheka waze wayosebenza emajalidini.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuveza umthelela] (3)

11.9 Ngokubona kwami siyakholeka ngoba kuvamile ukuthi abantu abangabangani baxatshaniswe ukuthathelana abantu abathandana nabo.

**NOMA**

Ngokwami ukubona asikholakali ngoba uma ninobungani beqiniso akekho ongangena phakathi kwenu anihlukanise.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukuthi kuyakholeka noma cha wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.10 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isigameko sokushiswa kwesitolo sikaSithole. Abantu ayekade ebathembile kakhulu, uMthovovo noDumazile yibo abamhlinzela ezibini. Wagcina uSithole elahlekelwe yikho konke ayenakho.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezishilo izisigameko sokushiswa kwesitolo sikaSithole] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**Impi Yabomdabu Isethunjini**

Lesi sitatimende siyiqiniso ngoba abanye abalingiswa bathatha izinqumo bengazicabangisisanga okuholele ekutheni kube nomphumela ongemuhle kubona kanye nabanye abalingiswa abasondelene nabo kule noveli.

- Indaba kaBafana yokungawunaki umndeni wakhe oseMpaphala yenza umalume wakhe ukuthi athathe isinqumo sokuthi azifikele mathupha eMlazi. Acele ukuthi uBafana athathe izingane zikaLinono ngoba yena nomkakhe uMaKhumalo babengasenawo amandla okukhulisa izingane, base bephila ngemali yempesheni. UBafana wamchitha esicelweni sakhe, Akamnikanga ngisho indawo yokulala. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle kubudlelwane bukaBafana nomalume wakhe uCele, ngisho nomkakhe uPoppie imbala.
- UBafana uhluleka ngisho nokubathumela imali abaseMpaphala ukuze baphile bangabulawa indlala kodwa unaka izinja zakhe nomndeni wakhe oseMlazi kuphela. Lokhu kudala uqhekeko phakathi komndeni wakhe oseMlazi kanye nasemzini omkhulu wakubo eMpaphala ngoba sebephila impilo engefani, eMpaphala banobuntu kanti eMlazi abanabo ubuntu.
- Ukungawunaki nokungawuvakasheli umndeni wakhe oseMpaphala kumenza aphelelwe nawubuntu, aphile impilo yobuqhingi benomkakhe uPoppie, uyazikhukhumeza ngisho nakomakhelwane bakhe. Wayengabazi, ebabukela phansi. Wanqaba nokwamukela usizo lwabantu abamnyama olwaluqhamuke nenhlangano kaBen Martin. Uyathutha eMlazi, akasonti nabantu abamnyama, uyazigxeka izikole zabomdabu. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle kuBafana, umkakhe kanye nezingane zabo abagcina bekhohlwa imvelaphi yabo.
- UBafana uyahluleka ukulawula umuzi nezingane zakhe ngoba engenawo amasu aphusile okukhulisa kahle izingane. Akakwazanga ukulawula isimo sokuxoshwa kukaMaXakushe exoshwa nguPoppie emzini wakhe. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle ezinganeni zabo ezigcina zidlebeleka empilweni, zintshontsha, zithola izingane, zigcina zingasafundi kahle esikoleni.
- U-*Euthenasia noMelody* bancishwa ithuba lokuvakashela umndeni wabo oseMpaphala nokwazana kabanzi nabazala babo oHlanganisani no-Uzithelile. Lokhu kubenza bangakwazi ukuzimela njengabazala babo. Bagcina bengazazi kahle ukuthi ikusasa labo libheke kuphi.
- U-*Euthenasia* uqala imikhuba emibi, akalawuleki, akahloniphi, weba imoto *kaMiss Hawkins* kanye nemali kaMaXakushe. Uba nengcindezi ugcina esebalekile waya eMpaphala. Uzithola esebudlelanweni noKimberly Beals ongumlungu ngakho ukuncishwa ithuba lokusondelana noHlanganisani esakhula okwakungamenza aqonde ukuthi akukho okonakele ngokuqonywa izintombi zabomDabu.

Downloaded from Stanmorephysics.com


- U*Melody* uthi eqala nje ukuqoma uqoma isoka elingumlungu uPrince. Zaziziningi izinsizwa zabomdabu ayengaziqoma kodwa ukuqhelelana no-Uzithelile ayengafunda okuningi kuye ngenxa yesinqumo sikayise kumenza adideke. Ukufunda nabelungu nezinye izinhlanga kumenza angahlukanisi kahle okufanele akwenze nangomkhawulo wezobudlelwane kanye nokuzigcina. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle empilweni yakhe ngoba ugcina ethole izingane ezinobaba abehlukene uZaneqiniso noZanele, eseyingane naye ngokwakhe.
- UBafana uthatha isinqumo sokubaleka emzini wakhe oseLa-Lucia, ubuyela eMlazi, wesaba ngisho ukuyolanda izincwadi ezazithathwe ngumkakhe uPoppie. Ulahlekelwa umsebenzi ugcina esesebenza eNyukhasela, ehlala noMamthunzi eMadadeni. Lokho kuba nomphumela ongemuhle empilweni kaBafana ngoba uPrisca indodakazi kaMthunzi nesoka lakhe uNkebelele bantshontsha imoto yakhe bayayishayisa. UBafana ugcina ebaleka ngoba indodana kaMamthunzi uMgwazeni imusabisa ngokumbulala.
- UBafana ubuyela eThekwini, uhlala nomunye umasihlalisane onguMaMsibi, umhlolithwasa. Ayaqhubeka ayamlandela amashwa, ushayisa imoto kamakhelwane uSibeko. UMaMsibi uyambona ukuthi ukhungethwe ngamashwa ngenxa yokulahla nokungasizi umndeni wakhe waseMpaphala. Umyalela ukuba abuyele eMpaphala. UMaMthimkhulu ufa uhlangothi ngaso njalo lesi senzo sakhe sokulahla umndeni waseMpaphala.

Bonke laba balingiswa abakhombise ukuzicabangela bona bodwa akubasizanga ngalutho lokho ngoba ekugcineni abaphumelelanga kodwa kunalokho kube nezigameko ezibe zimbi ezenzeke kubona uqobo nakubantu abasondelene nabo.
(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka) **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 UMaMthimkhulu kwakumkhanyela lokho ngoba ubuhlakani bukaNgubane kanye nokukhula kwengqondo kwakulokhu kuncipha yize noma efunde enyuvesi.

[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu wesekela] (2)

13.2 Yingoba abesifazane abafunde kakhulu baze baba nePhD njengoNtombi Sikhosana abagani ngenxa yokufunda kakhulu uma kwenzeka bagane abafuni ukuboniswa.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile isizathu] (2)

13.3
- UMaMthimkhulu uxabana noNgubane ngenxa yokuthi uMaMthimkhulu uthengele izingane imoto okwakuvunyelwene ngokuthi azizukuthengelwa.
- UMaMthimkhulu uxabana noNgubane ngoba uthi uNgubane usethatha umsebenzi wakhe wokulungisa igceke, uqasha abantu bakhe engabonisananga naye basusa izihlahla batshala ezinye.
- UMaMthimkhulu uxabana noNgubane ngoba eseshaya umthetho wokuthi uMaMthimkhulu makashintshe aqale ukwenza imisebenzi yobumama futhi acele uma efuna ukwenza izinto ekhaya kepha uMaMthimkhulu ushaya phansi ngonyawo uthi ngeke kwenzeke lokhu.
- uMaMthimkhulu uxabana noNgubane ngenxa yokuthi u-*Euthenasia* untshontshe imoto ka-miss *Hawkins* kodwa uNgubane uthi u-Euthenasia uyahala akakwazi ukuzibamba, akayidingi imoto, ekugcineni uduba ikhaya uya eMlazi.

[Nikeza amamaki amathathu uma eluvezile udweshu]

[Okuthathu kwalokhu] (3)

1.3.4 UMaMthimkhulu unomoya wokugxeka ngoba ubona uNgubane engumuntu onengqondo ethatha kancane futhi ophuzayo ukucabanga njengoba emfanisa nembongolo. Umoya wokukhungatheka, ukhungathwa ukuthi ubengaboni ukuthi umyeni wakhe akahlakaniphanga yize efunde nasenyuvesi ikakhulukazi ngoba embona ebonakala ukuthi akayeseki indaba yokuthuthukisa abantu. Unomoya wokucasuka, ucasulwa nguNgubane ukuthi uNgubane akahambisani nokuthi abesifazane bafunde kakhulu ngoba ethi ababe besashada futhi ababe besahlonipha abayeni babo. UNgubane uveza umoya wokwezethemba njengoba wayezitshela ukuthi noma angenzani umkakhe uyena iqhude kulo muzi.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umoya] (3)

13.5 UPoppy wathengela u-Euthenesia noMelody imoto ukuze bayisebenzise uma beya enyuvesi. Akazange amtshele uNgubane nanoma eseyiletha ekhaya. UNgubane wayibona isisegalaji isibhalwe namagama abo okwaholela ukuthi athukuthele aze adube ikhaya.

[Nikeza amamaki amathathu uma esichazile isigameko esifihlelwe uNgubane] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


13.6 Umyalezo othi, 'kubalulekile ukuthatha isikhathi ukuze ukwazi ukubona ukuthi umuntu ofuna ukungena othandweni naye ungumuntu onjani.' UPrisca wayecabanga ukuthi uNkebelele umuntu angababmbisana naye kwezothando kanti akahlakaniphile. Wacela uPrisca ukuba antshontshe izikhiye zemoto kaBafana uma emthanda ngempela. Yagcina ishayisene neloli ngoba baya ngayo edolobheni yize uNkebelele wayenganazo izincwadi zokushayela.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umyalezo wawusekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

13.7 Simveza njengomlingiswa oqotho/olimelayo iqiniso/onobuntu/ongathandi ukuba abantu abasebasha babhidlikelwe imishado ngento ebeyingalungiswa. Wayebona ukuthi uma uPoppie engazithathi izingane zikaLinono akulunganga futhi akunabo ubuntu ngoba uganile kwaNgubane

[Nikeza amamaki amabili uma emchazile ukuthi ungumlingiswa onjani wasekela] (2)

13.8 Ngicabanga ukuthi kwaba nomphumela omuhle ngoba ngemuva kokuvela kwalolu daba kubazali bakhe wahamba waya eMpaphala. Wathola ithuba lokwazana nomndeni wakubo oseMpaphala. Wavakashela amathuna ogogo bakhe. Waqanjwa igama lesintu likaVikizitha. Wabuyela eThekwini esenobudlelwano obuhle nomdeni wakhe. Wayesekwazi ukuzimela ngokomqondo njengoHlanganisani, esefunda izincwadi eziningi zabomdabu.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela] (3)

13.9 Ngokubona kwami ayakholeka ngoba abanye abantu besifazane uma sebefundile ababe besabahlonipha abayeni babo.

**NOMA**

Ngokubona kwami asikholakali ngoba abantu besifazane abakhuliswe kahle emakhaya abo abakuthwali ukufunda kwabo, bayabahlonipha abayeni babo noma ngabe abafundile kangako.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukukholakala kwala mazwi]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

13.10 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isigameko sokushayiseka kwemoto kamakhelwane uSibeko. Yiso lesi sigameko esasetshenziswa umhlolithwasa ukuqonda uBafana, amtshele ukuthi unesinyama. Umhlolithwasa wayalela uBafana ukuthi agoduke aye kubo eMpaphala uma efuna ukuthi izinto zakhe zilunge.

[Nikeza amamaki amathathu uma yombhali yokusethulela isigameko sokushayiswa kwemoto kaSibeko.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

**UBUCIKO BOMLOMO**

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lobuhlakani obukhonjiswe abalingiswa kulobu buciko bomlomo benganekwane nezibongo.

UMLIMI
- Unobuhlakani akabalisi ngokuthi akasebenzi kodwa ugawula izibonda zesivande ehlathini elesabekayo nelidume ngokuba nezilwane ezesabekayo eziyingozi ukuze aziphilise yena nomndeni wakhe.
- Umlimi wasebenzisa ubuhlakani uma ebona izinsizwa ezihlomile zivula idwala ngokucula iculo wasiqaphela lesi senzo wangabaleka kodwa wacasha zaze zahamba.
- Ngobuhlakani bomlimi wakwazi ukulalela onke amazwi ayeshiwo yilezi zinsizwa.
- Umlimi wasebenzisa ubuhlakani wacula iculo njengoba bezenza lezi nsizwa lokho okwamenza wathola imali.
- Umlimi waba nobuhlakani ngoba wathi uma eseyitholile imali wayithatha waya nayo ekhaya yaphela inhlupheko eyayikhungethe umndeni wakhe.

USOMABHIZINISI
- Esezwile ngodadewabo ngedwala lezimanga waba nobuhlakani bokuthi aqunge isibindi aye ehlathini alifune idwala aze alithole.
- Abanikazi bemali bamfica eselapho kodwa wakwazi ukusebenzisa ubuhlakani wacabanga masinyane wangena esakeni elalinemali wasindisa impilo yakhe.
- Ubuhlakani bukasomabhizinisi kwamenza ukuthi aqhamuke nelinye isu, wamemeza esesakeni okwathusa izinsizwa zalahla phansi amasaka zabaleka.
- Yize noma usomabhizinisi wayenomhobholo kodwa wayesesifundile isifundo wakwazi ukwenza ubuhlakani ekugcineni wangabe esawathatha onke amasaka emali kodwa wathatha ingxenyana eyayimanele ngaleso sikhathi.

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE**

- Isizathu sokuthi abizwe ngesihlahla somdlebe esimayikayika yingenxa yezithelo zobuhlakani anabo ekuqhakambiseni ulimi lwesiZulu nokuklonyeliswa kwakhe.
- Ubuhlakani bokuthi azigqaje ngolimi lwakhe.
- Ubuhlakani bumenza angabi nasici kodwa kube khona abantu abaningi ayisibonelo esihle kubo.
- Unolwazi olunzulu ngabantu abahlomula bengadeli kuye.
- Usekhulise abantu abaningi base-Afrika ngolwazi analo.
- Ubuhlakani bukaGcina bubuyise isithunzi se-Afrika ngisho nasemazweni omhlaba.
- Ubuhlakani bumenze wadela ukuhlala nomndeni wakhe wakhetha ukuyohlala nabezizwe ukuze acobelele ulwazi lwakhe nakwezinye izizwe.
- Izenzo zakhe zobuhlakani zimenza agqame abemhlophe kuhle kwesibongo sakhe uMhlophe.
- Ubuhlakani ayebusebenzisa bokukwazi ukuguquguqula iphimbo lakhe uma ehaya izinkondlo.

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Akuvele ukuphawula kanye nokusetshenziswa kwamasu ahlukene obuhlakani akhonjiswe ebucikweni bomlomo.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)

[Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**UBUCIKO BOMLOMO**

15.1 Isisusa sodweshu indlala ephethe uMazinyo ngenxa yokuthi akasakwazi ukubamba izilwane azidle ngoba izilwane azisaphuzi echibini kodwa seziphuza kompompi abafakwe ngenxa yempucuzeko.

[Nikeza amamaki amabili uma esishilo isisusa sodweshu] (2)

15.2 UMazinyo waqala watshela impala ukuthi akasayidli inyama usedla utshani, ngakho-ke asisekho isizathu sokucathamela izilwane. Wase ecela iMpala ukuthi imlethele amagatsha ezihlahla kanti uyayiyenga ukuze ayidle.

[Nikeza amamaki amathathu uma ebushilo ubuqili] (3)

15.3 Inkawu ivezwe njengomlingiswa ohlakaniphile ngoba ikwazile ukubona ubuqili bukaMazinyo yaze yasindisa neMpala kanti iMpala ivezwe njengomlingiswa onesihe futhi oyisiwula ngoba ibisiluthwe ubuqili bukaMazinyo ocishe wayidla yase isindiswa inkawu.

[Nikeza amabili uma echaze kafushane ukuvezwa komlingiswa wasekela] (2)

15.4 Lesi sisho sichaza ukusebenza into engenanzuzo noma engatheli zithelo. Siyahambelana nokwenzeka enganekwaneni ngoba yize uMazinyo esezamile ukuqamba amanga ethi usedla utshani kodwa lokho akumsizanga ngalutho ngoba inkawu yalibamba iqhinga lakhe wagcina ehlulekile ukudla impala.

[Nikeza amamaki amathathu uma esichazile isisho] (3)

15.5 Umxoxi ulisebenzise kahle isu lokujeqeza emuva ngoba uMazinyo ukhumbule amagama ashiwo yinkawu kuyena athi ukube inkawu ibinguMazinyo ubezozidlela utshani. Lokhu kwenze ukuthi uMazinyo aqhamuke neqhinga lokwenza sengathi usedla utshani kanti akunjalo lagcina lingaphumelelanga iqhinga lakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma echaze isu lokujeqeza emuva] (3)

15.6 Uqoth' imbokodo nesisekelo. (1)

15.7 Ukuxhumanasiqalo. (1)

15.8 Izibongo kanye namazwi adwetshelwe esiphicaphicweni akhombisa ubuqhawe nokuzethemba kwenkosi uDinuzulu. Bonke labo ababembukela phansi wabanqoba. Izitha zakhe ubezibukela phansi zakhe kuhle kwendlulamithi mayibukela phansi ezinye izilwane

[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo okushiwo yizibongo] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


15.9 Okushiwo yizibongo zeSilo uDinizulu kanye nehubo ukuthi iSilo uDinizulu bekuyinkosi yohlanga ibusa abantu bakwaZulu futhi eyiNgonyama, eyabe iyiqhawe elabulwela kakhulu ubukhosi bukaZulu. Ubeyisizukulwane sikaNdaba njengoba lisho ihubo lithi uyamemeza okaNdaba. Leli hubo lisuke litusa ubuqhawe. Kuyahambisana nezibongo ngoba zitusa ubuqhawe bokaNdaba.

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa)

[Nikeza amamaki amane uma eqhathanisile wasekela] (4)

15.10 Ukusetshenziswa kwesithakazelo kugqamisa imvelaphi yeSilo uDinizulu okuphinde kugqanyiswe ihubo ngoba lithi uyamemeza okaNdaba. Lokhu kuchaza ukuthi iSilo siyisizukulwane senkosi uNdaba.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane wasekela] (2)

15.11 Ngiyavumelana ngoba nasezibongweni bambiza ngokhozi okuyisilwane esineso elibukhali kakhulu nesenza izinto ngokushesha okukhulu.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono ngoDinizulu] (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 kumaka i-eseyi.

Ohlolwayo makachaze umlayezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomlayezo othi udlame akusona isisombululo sezinkinga.

- UMdaluli uthe angalahlekelwa umsebenzi waqala waba nodlame emzini wakhe kwase kuba khona udlame lwasekhaya oluyizindlela ezehlukene.
- Waqala ngokushaya uMaMlanduli ngempama ngoba ethi umphoqa ukuthi adle engakufuni. Lokhu kwaba nomphumela ongemuhle kuyena ngoba inkosikazi yakhe yabe isiphatheka kabi isimncintsha amalungelo akhe asemshadweni ngenxa yentukuthelo yokuthi ishayiwe.
- UMdaluli wahlukumeza uLondiwe ngokumshaya ngoba ethi ulamulela unina. Lokhu kwadala ukuthi agcine eseboshiwe uMdaluli.
- Lolu dlame olwaqhubeka nasebusuku lwaba nomphumela ongemuhle ngoba uLondiwe waxabana noyise ngoba esaqhubeka ukuhlukumeza unina uMaMlanduli.
- UMdaluli ugcina eseboshwa ngamaphoyisa emva kokuba uLondiwe ewashayele ucingo ebike ngodlame olwenziwa uyise uMdaluli.
- UMdaluli wathi uma ephuma ejele waqhubeka nokuba nodlame kuLondiwe ngokumxosha ekhaya, waxosha noNenelezi noKhombephi. Wathatha isibhamu efuna ukubaxosha ngaso. Lokhu kwaba nomphumela ongemuhle kuLondiwe ngoba wayengasenandawo yokuhlala eselala emizini yabantu.
- UMdaluli walahlekelwa umsebenzi wokwakha ayewunikwe uSaziwayo Khuzwayo ngoba wagcina sewenziwe uChivenga. Ngemuva kokuba uChivenga esemphuce umsebenzi, uMdaluli wathatha isinqumo sokumthakatha. Lolu dlame lwadala ukuba umunwe kaChivenga ubole aze ayolala esibhedlela somphakathi kwaDukuza.
- Udlame lukaMdaluli lukapakela emphakathini, ushaya uChivenga ngemolontshisi kuba nomphumela ongemuhle kuMdaluli uboshwa nguZayeka
- UMdaluli waqhubeka ngodlame walalela uChivenga unyendle ehlathini, wamshaya wacishe wambulala kwalamula amaphoyisa. Lolu dlame lwaholela ekutheni uMdaluli aphindele ejele.

Izenzo zodlame ezenziwe umlingiswa onguMdaluli zikugqamisile ukuthi udlame alusona isixazululo ngoba lumenzele izinkinga kumndeni wakhe, emphakathini kanye nakuye uqobo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa komyalezo]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Umlingiswa onguLondiwe unethoni yokuthukuthela ngoba ucasulwa ngunina uMaMlanduli ovuna uyise uMdaluli yize emhlukumeza.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile ithoni wasekela] (2)

17.2 UMaMlanduli uvezwe njengomlingiswa ohlonipha umyeni wakhe. Weseka umyeni wakhe yize noma emshaya.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane ukuvezwa komlingiswa wesekela ngokusesiqeshini] (2)

17.3 Imbangela yokuthi bangaboni ngaso linye yingoba uMdaluli akaliboni iphutha lakhe lokuthi abe nesihluku kuMaMlanduli, uze uklolodela uLondiwe ngoba umkakhe echema naye futhi emeseka ekutheni agxeke uLondiwe ngokumlamulela. Kanti uLondiwe unengwa yisenzo sikayise sokuba nesihluku kunina yingakho enomoya ophezulu ngoba uyawaqonda amalungelo akhe yize eyingane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umehluko] (3)

17.4
- UMdaluli wadilizwa emsebenzini wangabe esakwazi ukondla umndeni wakhe.
- Wavuselela ikhono lakhe lokwakha, wase eqashwa nguSaziwayo Khuzwayo.
- Wathi esebuyela ukuyoqhubeka nomsebenzi wathola sekuqashwe uChivenga, okwadala intukuthelo ngoba ebona ukuthi nguye omthathele umsebenzi wase emlalela unyendle ehlathini wamshaya.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile izigameko] (3)

17.5 Isenzo sikaLondiwe siyigqamisa kahle inkathi yamanje ngoba uyazikhulumela aveze ukunganeliseki kwakhe yize eyingane. ULondiwe uthatha isinqumo sokubophisa uyise uMdaluli ngenkathi ebahlukumeza.

[Nikeza amamaki amabili uma amaphuzu echazwe kahle] (2)

17.6 Wawuzoba muhle ngoba wayengeke esaba nengcindezi eyayidalwa ukuba ahlale ekhaya ngenxa yokuphelelwa umsebenzi aqhubeke nokuba nodlame lwasekhaya. UMdaluli wayengeke afike ekhaya axoshe uLondiwe, uKhombephi noNenelezi njengoba wayesefuna ukubajaha nangesibhamu.

**NOMA**

Wawuzoba mubi ngoba uMdaluli wayengagcina ehlale ejele impilo yakhe yonke. ULondiwe ubezobona ukuthi uMdaluli akakhulumi iqiniso njengoba ethi uyaxolisa ngokushaya uMaMlanduli.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


17.7 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi uma uxazula izinkinga ngodlame kuba nomphumela ongemuhle njengoba uMdaluli aboshwa ngesenzo sokushaya uChivenga/uhlose ukuba abantu abafunde ukuzibheka bona kuqala bangaboni abanye abantu ukuthi yibo ababalethela izinkinga.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso wasekela] (3)

17.8 Umyalezo odluliswa umbhali owokuthi bakhona abantu abawenzayo umsebenzi wabo ngokuthembeka. UZenyezile unguSonhlalakahle usiza uLondiwe enkingeni yokuxoshwa nguyise uMdaluli ekhaya. Umtshela nangezindlela zokuthola imifundaze njengoba ayengasakwazi ukukhokhela izifundo zakhe zobuchwepheshe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewushilo umyalezo wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

17.9 Ngiyavumelana ngoba uMdaluli waphupha abantu abampisholo abakhuluma ulimi olungahlangani kahle kuba nesiphepho esinamandla esimlahlisa ithemba. Leli phupho libikezela isimo esilukhuni empilweni kaMdaluli sokulahlekelwa ngumsebenzi esinezelelwa nguChivenga oqhamuka eNyakatho owaqashwa nguSaziwayo owayeseqashe UMdaluli.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuvumelana wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

17.10 Umbhali usethulele kahle isiphetho salo mdlalo ngopholavuthondaba njengoba kufika uZenyezile emzini kaMdaluli ethule izindaba zokuzamazama komhlaba ezenzeke ezweni laseNyakatho ne-Afrika. Ukungazi ukuthi uMdaluli njengoba eseSudan angaba ngomunye wabashonile. Lokhu kufakazelwa uMaMlanduli otshela uZenyezile ngephupho elaliphushwe uMdaluli libikezela ingozi nobunzima obuzomehlela.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxe ipholavuthondaba] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

Ohlolwayo makachaze umlayezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomlayezo othi umhobholo unemiphumela engemihle.

- UZithulele ubonisa uSalimani ibalazwe elisodongeni umchazela ukuthi kudala imingcele yayikuphi. Ekuhambeni kwesikhathi yagudluzwa yimifula okwaphetha ngokuthi izwe labantu basemapulazini libe ngelikaSalimani. Bonke lobu buqili abuphumeleli ngoba uSalimani ulazi kahle izwe lakhe nemingcele yalo kusukela emandulo. Lokho kwenza ubuqili buka Zithulele bubhuntshe.
- Ubuqili babelungu buyaqhubeka ngoba sibuthola naseMgungundlovu lapho uSomtsewu etshela uSalimani ukuthi akunhloso yakhe ukusika izwe lenkosi kodwa ufuna ukubuyisela izwe labelungu kubanikazi balo abalithola ngomlando. Lobu buqili abuphumeleli ngoba uSalimani uyakwala lokhu okuhlongozwa nguSomtsewu.
- Abelungu bazama ubuqili bokuthola izwe ngokusebenzisa UMphiliphili oyinduna kaSalimani. Bathenga uMphiliphili ngemali ayinikwa nguNgoza, nabo lobu buqili abuphumeleli ngoba ukungathembeki kukaMphiliphili bafika ezindlebeni zenkosi wase ejeziswa.
- Ukungathembeki nobuqili bukaMphiliphili benza ukuthi agcine eseyimbuka eseshiya umuzi wakhe ayokhonza ebelungwini.
- Ubuqili bukaZithulele benza ukuthi ahlele impi mbumbulu yabantu bakaMgqabuli ehlasela emzini kaMcondo ukuze aphumelele ukuthola izwe likaSalimani. Lobu buqili abuphumelelanga ngoba abantu bakaSalimani bayinqoba lempi.
- UZithulele waphinde wasa iNkosi uSalimani enkantolo embeka icala lokuthi abantu bakhe bahlasele abantu babelungu, waze waphinde wathenga uMphiliphili ukuthi abe wufakazi wamanga. Lobu buqili nabo abuphumelelanga ngoba icala lamthetha uSalimani eMgungundlovu ijaji lalichitha icala, lagcina lihlawulise uZithulele.

Umhobholo unemiphumela engemihle ngoba uHulumeni kaSomtsewu ngomlomo kaZithulele wahluleka ukuqhwaga umhlaba wenkosi uSalimani. Icala layithetha inkosi uSalimani wajeza uSomtsewu kwadingeka ukuthi akhokhe inhlawulo ecala.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa komyalezo]
[Nikeza amamaki ngokuveza i- eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha.]

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Ithoni yokuthukuthela kumlingiswa onguMbongolo ibangelwa yisenzo sikaHulumeni sokuthi aqhathe izwe bebhekile njengoba efuna ukuklama kabusha imingcele.

[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo imbangela ngokwesiqeshana] (2)

19.2 Umlingiswa onguMcondo uvezwe njengomlingiswa onolaka, onesibindi noyishinga yingakho efunga egomela ukuthi uMngeni uyowuwela ngesihlenga eseyisidumbu. Lokhu kubonisa ukuthi uzokulwela okungokwakhe kuze kube sekugcineni.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukuvezwa komlingiswa wesekela ngokusesiqeshini] (2)

19.3 USalimani nabafowabo bathukuthele ngenxa yenkulumo ezothulwa uZithulele othunywe uHulumeni yokuthi kuzoba nemingcele emisha. Lokhu kudala ingxabano phakathi kwabantu basemapulazini kanye nabakaVimbingwenya.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umehluko] (3)

19.4
- UZithulele utshele iNkosi uSalimani ukuba abantu bakhe bawele uMngeni okwaphetha ngokuba enqabe uSalimani.
- USalimani uqhamuka nesu lokuthi kuvotwe khona kuzotholakala ukuthi bangaki abantu abafuna ukuwela uMngeni.
- Abantu bakaSalimani bavota ngezinhlamvu zikabhontshisi omnyama ukungawuweli uMngeni behlula ngokuphikisa uHulumeni owavota ngezinhlamvu zikabhontshisi omhlophe.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile izigameko] (3)

19.5 Izenzo zikaHulumeni zigqamisa isizinda senkathi yenguquko lapho uHulumeni wobandlululo eqola abantu izindawo. UHulumeni ufika ezindaweni zabantu abamnyama bakwaZulu weza namaqhinga okuthatha izwe njengoba eseza nelinye isu lokuthatha eminye imihlaba enjengoVimbingwenya, uMngeni kanye noMkhabela.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile izenzo] (2)

19.6 Wawuzoba muhle ngoba ubengeke esaba nengcindezi yokuthi aqhubeke nezimfihlo futhi wayengamxolela uSalimani. UMphiliphili ubengephoqeleke ukuthi avote nabelungu phambi kweNkosi uSalimani.

**NOMA**

Wawungaba mubi. USalimani ubezobona ukuthi uMphiliphili akanaqiniso njengoba wabe eyinduna yakhe ayethembile. Wayengagcina ebulewe ngamabutho kaSalimani.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono womphumela wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


19.7 UZithulele uhlose ukwenza ubuqili bokuthi abophe abantu bakaSalimani. Ukhipha isijeziso sokuphuca uSalimani umhlaba. Abantu basemapulazini kwaMgqabuli bavuma ukusetshenziswa nguZithulele ebalwisa izimpi zikaHulumeni bagcina belinyazwa,bebulawa ngabantu bakaSalimani.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyinikezile inhloso wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

19.8 Umyalezo odluliswa umbhali owokuthi basekhona abantu abakwazi ukumela iqiniso njengoba uHulumeni ngomlomo kaZithulele ayezame ukuqola iNkosi uSalimani izwe lakhe. Wenza namaqhinga okuthi amfake ecaleni lokuthi nguyena uSalimani oqale ukushaya abantu bakaMgqabuli kepha la maqhinga abhuntsha onke, waphumelela uSalimani enkantolo waliwina icala enkantolo yaseMgungundlovu.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukwethula umyalezo wombhali]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

19.9 Ngiyavumelana ngoba ngenkathi uZithulele etshela uSalimani ngoHulumeni othi makugudluzwe imingcele yoMngeni kwamenza wajeqeza emuva wakhumbula amaqhinga enziwa ngabelungu okuthatha umhlaba ngokuqala ngokuhloma amatende, bakha izindlu ngamatshe bathi bazozishiyela abantu kepha abaphindanga bahamba.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuvumelana wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

19.10 Umbhali usethulele kahle isiphetho salo mdlalo ngovuthondaba njengoba kube khona isixazululo sombango womhlaba. Kube khona ubulungiswa, icala lamthetha uSalimani. Umhlaba wakhe abesephucwe wona wabuyiselwa kuye nezindleko zecala zakhokhwa nguHulumeni.

Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama- 39 ukumaka i-esseyi

Ohlolwayo makachaze umlayezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomlayezo othi umhobholo unemiphumela engemihle.

**UPHINDISIWE**

- UPhindisiwe unomhobholo ngoba uthi esebenza ebhange, enomyeni wakhe onguThamsanqa kepha athandane noNkululeko ngoba efuna imali. Lolu thando olweqile lwemali ludala ukuba agcine esethola ingane eyivezandlebe kaNkululeko.
- Umhobholo wemali wagcina umphelelisele ngekhaya uPhindisiwe wagcina ephindele kubo kaMakhunga.
- Umhobholo wemali wamholela ekutheni anqume ukuntshontsha imali eyayisele esisefeni ebhange ayesebenza kulo wagcina eseboshwa.

**UNKULULEKO**

- UNkululeko unomhobholo wemali ngoba uvuma ukuthengwa/ ukugqitshwa wuPhindisiwe ngemali ukuze amdonsele isigwebo ejele ngecala lokushayisa ingane yize lokhu kwaba nomphumela ongemuhle kuyena ngoba waphelelwa wumsebenzi wagcina engasasebenzi ngenkathi esebuya ejele.
- Umhobholo wakhe wemali uba nomphumela wokuthi ahlukumeze uPhindisiwe ngokuthi afune enye imali yize uPhindisiwe amkhokhela ngokuyomdonsela isigwebo sakhe.
- Umhobholo wakhe uyaqhubeka uphoqelela uPhindisiwe ukuthi amsize bagqekeze ebhange ukuze azothola imali eningi. Leli qhinga liba nomphumela ongemuhle kuye ngoba uyaboshwa futhi unikwa isigwebo esinzima samashumi amathathu eminyaka ebhadla ejele.
- Ukubhadla kwakhe ejele kwaba nomphumela ongemuhle. Wacekela phansi ikusasa likaPhindisiwe ngokumphoqelela ukuthi amsize kugqekezwe ibhange.

**USIKELA**

- USikela unomhobholo wemali ngoba uthi esebenzela uhulumeni avume ukuthengwa nguNkululeko ukuthi amenzele isitifiketi somshado mbumbulu kaNkululeko noPhindisiwe. Lokhu kwaba nomphumela ongemuhle ngoba kwahlukumeza abakwaMathonsi lapho uPhindisiwe wayewumalokazana wakhona.
- UThamsanqa wagcina esexabana nomkhwekazi wakhe efuna imali yelobolo.
- Ugcina esegwetshwa iminyaka eminingi ejele ngokungathembeki kwakhe.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMAQOMA**

- Umhobholo kaMaqoma wemali ube nomphumela wokuthi avume ukuthengwa nguNkululeko ukuze abe wufakazi wokuthi wayengumkhongi kaNkululeko kwaMakhunga. Usebenzisana noNkululeko ukuhlela itulo lokuthola imali yasebhange. Lokhu kwaba nomphumela ongemuhle ngoba ugcina esegwetshwa iminyaka eminingi ejele.

Umhobholo unemiphumela engemihle bonke abalingiswa ababe nomhobholo kule noveli bagcine bejezile ngokugwetshwa enkantolo balahlekelwa inkululeko yokuhlala nemindeni yabo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa komyalezo]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Imbangela yethoni yokuthukuthela kumlingiswa onguThamsanqa ukuthi uzwe izindaba ezishaqisayo ngomkakhe azizwe ngabazali bakhe zokuthi umkakhe uPhindisiwe inkosikazi yomuntu.

[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo ukuthi ithoni ibangelwa yini] (2)

21.2 Umlingiswa onguNkumbulo uvezwe njengomlingiswa ongathatheli izinto phezulu/ohlakaniphile. Uthi uma ezwa ngomshado wangaphambilini kaPhindisiwe watshela uThamsanqa ukuthi aqaphele ngoba kusengenzeka kube ngamanga aqanjwa yizimfamona.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane ukuvezwa komlingiswa wesekela ngokusesiqeshini] (2)

21.3 UThamsanqa unomuzwa wokuthukuthela kanti uNkumbulo unomuzwa wokumangala. UThamsanqa uthukutheliswa ukuthi uyazikholwa zonke lezi zinto ezishiwo ngoPhindisiwe kanti uNkumbulo umangazwa ukuthi kungani uThamsanqa ekholwa abantu bangaphandle kunokuba akholwe inkosikazi yakhe aseshade naye iminyaka emihlanu.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile umuzwa ongafani] (3)

21.4
- UNkululeko ushaya ucingo efuna ukukhuluma noPhindisiwe emzini kaThamsanqa okudala ukuba baxabane noPhindisiwe.
- UThamsanqa uya kwaMathonsi ufica uNkululeko ephethe isithombe nencwadi yomshado yakhe noPhindisiwe, athukuthele, baxabane noNkululeko ombiza ngesigwadi.
- UNkumbulo utshela uThamsanqa ngoNkululeko okumphatha kabi uThamsanqa ukuthi uNkumbulo ubemfihlele udaba lukaNkululeko noPhindisiwe. Emva kwalokhu uThamsanqa uya kwaMakhunga ufuna izingane zakhe okunguPhindisiwe noZiphozonke waphetha ngokuthi uma engazitholi ufuna izinkomo alobola ngazo.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile izigameko] (3)

21.5 Izenzo zikaSikela zigqamisa isizinda senkathi yamanje lapho sekwande ubugebengu obuhleliwe. USikela usebenza emnyangweni wezaseKhaya, wenza umkhonyovu wokushadisa uPhindisiwe noNkululeko enzela uNkululeko incwadi yomshado mbumbulu kungubugebengu obenzeka esikhathini samanje.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile isizinda senkathi] (2)

21.6 Wawuzoba muhle ngoba ubengeke esaba nengcindezi yokuthi aqhubeke nezimfihlo futhi wayengamxolela. UPhindisiwe ubengeke aphoqeleke ukuthi asize uNkululeko ukugqekeza ebhange agcine ngokuboshwa.

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

Wawungaba mubi ngoba uThamsanqa ubezobona ukuthi uPhindisiwe akanaqiniso njengoba engazange akhulume iqiniso ngokuthandana kwakhe noNkululeko kanye nendaba yengane.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono womphumela wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

21.7 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi izinkinga azixazululwa ngodlame kanti futhi kuba nomphumela ongemuhle njengoba uThamsanqa ashaya uPhindisiwe. Lokhu kwaholela ekutheni uPhindisiwe amshiye abuyele ekhaya kubo kwaMakhunga, waze waxabana nomkhwekazi wakhe uMaKhangela.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

21.8 Umyalezo odluliswa umbhali owokuthi izenzo ezimbi ezenzeka ebumnyameni zigcina zivelile. UPhindisiwe wabe enezimfihlo zokuba nomntwana noNkululeko. UNkululeko wanquma ukuya kwaMathonsi wabatshela ngobudlelwano bakhe noPhindisiwe mayelana nomshadombumbulu wakhe naye okungelona iqiniso.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewushilo umyalezo wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

21.9 Ngiyavumelana ngoba uMaMhlongo waphupha uhlanya luqukula umzukulu wakhe uZiphozonke okwakubikezela ukufika kukaNkululeko ezofuna uZiphozonke athi ingane yakhe akusiyo ekaThamsanqa nokuthi uPhindisiwe ungumakoti wakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuvumelana wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

21.10 Umbhali usethulele kahle isiphetho salo mdlalo ngopholavuthondaba njengoba kube khona ukuqulwa kwecala enkantolo eZibuseni kwavela bonke abenzi bobugebengu. UNkululeko, uSikela, uMaqoma noPhindisiwe bathola izigwebo ezingefani ngokwamacala abawenzile nokuntshontsha imali ebhange iForum.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

## ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **5–6** | **4** | **3** | **2** | **0–1** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | -Akanalo nhlobo ulwazi lokuphendula inkondlo<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **4** | **3** | **2** | **1** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | -Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.<br>-Awekho amaphuzu ahambelana nesihloko. |

**QAPHELA:Uma ohlolwayo engazange abhale sanhlobo ngokubuziwe, waqoka ukuziqmbela i-eseyi akatholi lutho amamaki okuqukethwe kanye nesakhiwo nolimi**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu:<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |

- **Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.**
- **Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*